


# KUNENDLELA EYODWA KUPHELA EHLINZEKWE NGUNKULUNKULU YANOMA YINI

 Ngiyabonga, Mfowethu Carlson. Kuhle ngempela ukuhlangana nawe, futhi iNkosi ikubusise. Sanibona kusihlwa, bangani. Manje, ngaphambi kokuba sihlale phansi, ake nje sikhulume neNkosi enkulu esikhona sonke lapha ukuba siyikhonze.

<sup>2</sup> Baba wethu waseZulwini, siyabonga ngethuba lokubuya futhi kulelidolobha elikhulu, iChicago, ukubuthana lapha nalabo abalindele ukuFika kweNkosi uJesu. Futhi siyakhuleka, Baba, njengoba imizamo yethu iye yafakwa, kukho kokubili indoda nabesifazane, abafana namantombazane, ukubona invuselelo noma ukuvunguza, mhlawumbe ukubiza abanye abambalwa oshiywe ngaphandle edolobheni. Kwangathi lesi kungaba yileso sikhathi esihle kakhulu ukuthi lapho owokugcina ezobizwa ngaphambi kokuba isahlulelo sishaye lelizwe. Baba, sikhohlwa ukuthi kusekhona abanye abasalindile, futhi siyabazingela. Bangenise, ngalesi sikhathi, Baba. Siphe khona, ukuthi bangemukela uKristu, futhi babalwe phakathi kwalabo abakhethiwe abazohlwithwa ngoHlwitho olukhulu olubekwe esikhathini esizayo. Siphe khona, Nkosi.

<sup>3</sup> Lemizamo esivezile, futhi ivezwe nguMfowethu Carlson nabo bonke lapha, ukuthi, lendawo abaye bayiguqula isuka endlini endala kagologo nenkundla yokulwa ngokubambana ngezandla, yaya endlini yeNkosi. Nkosi, kwangathi ingaba isikhumbuzo kanye nokumelwa kokuphendulwa kwezoni, kuKristu.

<sup>4</sup> Sizwe, Baba, kulezizinto, uphulukisa abagulayo futhi wenza lezi zinto ezinkulu esizicelayo, ngokuba kuseGameni likaJesu Kristu, futhi ngodumo nenkazimulo yaKhe, siyakucela. Amen.

Ningahlala phansi. Ngiyabonga, kakhulu.

<sup>5</sup> Kuhlale kuyinhlanhla ukuza eChicago. Bengihlale ngizizwa ngaleyo ndlela. Kade ngingekho lapha isikhathi esithile, ngoba angisahlali lapha, ngi—ngihlala e-Arizona, eTucson. Futhi silapha eJeffersonville, eholidini lasehlobo, futhi ngiyahamba lapha ngoMsombuluko ekuseni. Futhi kothi nje ngingafika ekhaya, izinto zingilindile ukuba ngibuyele eTucson futhi.

<sup>6</sup> Futhi, kodwa, ngilapha ngenza amateyipu, iMilayezo engiyithumela ngamateyipu. Futhi iNkosi isibusisile. NgeSonto

ekuseni sibe noMlayezo wamahora amane. Angilindele ukwenza lokho lapha. Kodwa amahora amane esambulweni esikathathu sikaJesu Kristu siyi. . . Imfihlo kaNkulunkulu efihliwe kusukela ekusekelweni kwezwe. Futhi iNkosi ngokuqinisekile isibusisile. Sibe nezibusiso ezinkulu, futhi uNkulunkulu uphulukise abagulayo phakathi kwethu.

<sup>7</sup> Ambalwa, cishe emavikini amathathu edlule, ngenkathi ngisakhuluma, indoda imi phambi kwethu, okwayo. . . IyiNgisi. Umkayo ungowaseNorway. Futhi ingumhlengikazi okahle kakhulu, futhi yona indoda ekahle kakhulu. Futhi ngakho-ke, indoda, ngangikhuluma ngokuphithana okuningi. Futhi indoda yathi ukungakuthandi, ngenkathi ngikusho. Futhi ngayitshela iminyaka ethi ayibe mibili edlule, lapho ngiqala ukuhlangana nayo, ukuthi, “Yayikhathazwa ngukukhononda enhliziyweni yayo.” Kwakul’khuni ukuba afune ukukholwa lokho, ngiyacabanga, ekuqaleni, khona-ke ekugcineni udokotela wayitshela ukuthi yayinokukhononda enhliziyweni yayo. Futhi ngalokho kusa yayithi ukuba nokudabuka kancane. Futhi lapho sengisho lokho, ayikuthandanga, futhi ngokushesha yawa yafa, phansi ngqo kwiphansi lendlu, yawa kwiphansi lendlu. Futhi umkayo wehla ukuba ayixilonge, futhi yayingasekho.

<sup>8</sup> Futhi ngadingeka ngithulise izethameli, bese-ke ngehla emsamo, wafinyelela lapho yayikhona, wezwa ukushaya komthambo kwayo. Kwakungekho kushaya komthambo. Namehlo ayo. . . Niyazi, lapho inhliziyo ima, amehlo ayaphenqeka. Futhi wazama ukudonsa amehlo ayo, embona ekuleso simo, futhi wayazi ukuthi wayengasekho. Futhi iNkosi uJesu yathi, “Khuluma.”

Futhi ngathi, “Nkosi Jesu, mbuyisele ukuphila kwakhe.”

Yangibheka, yathi, “Mfowethu Branham.”

<sup>9</sup> Futhi iyaphila, kulobubusuku, futhi mhlasi- mbembe izothamela lomhlangano. Ibiyethamela sonke lesi sikhathi. Futhi izothamela, mhlasi- mbembe. Angiyiboni lapha kulobubusuku. Mnu. Way, ngabe ulapha na? A—angi. . . Ngani, uhlezi khona lapha phambi kwami. Ya, ya, khona lapha phambi kwami. Bengingakwazi lokho. Futhi manje nangu kulobubusuku, ephile saka kakhulu. Ungasukuma nje ukuze abantu babone ukuthi uNkulunkulu angavusa abafuleyo, eku. . . ? Nomkakhe, umhlengikazi okahle ungowaseNorway. Ukubonga iNkosi! [Ibandla lishaya ihlombe—Umhl.]

<sup>10</sup> Ngabe umkakho omncane othandekayo unawe na? [UMfowethu Way uthi, “Qhabo, ubheke lowo muntu ogulayo, Mfowethu Branham.”—Umhl.] Uye kobheka i. . . ukubheka ogulayo. Umkakhe ungomuntu othandeka kakhulu ozama ukunakekela abagulayo. Lokho kusenzelwe enhliziyweni yakhe. Uyanakekela, njalo njalo. Futhi ubheke. . . abanye babagulayo ngemuva manje. Futhi ngakho siyibonga kakhulu iNkosi.

<sup>11</sup> Manje, mina, ngingena, ngizwe uMfowethu Vayle ekhuluma nje ngaphambi kwami. Futhi ngizozama ubusuku ngabunye ukuphuma kuse-eli okwangempela, kuse-eli ngangengingakwenza. Futhi ngizobe ngikhulekela abagulayo, futhi njengoba nje iNkosi izohola; futhi ngicela uNkulunkulu ukuba abusise uMfowethu Carlson nalo lonke iqembu lapha, eChicago, elilindele ukuFika kweNkosi.

<sup>12</sup> Mhlawumbe emva kwesikhathi kancane evikini, ngingahle nginitshele umbono engibe nawo kulokhukusa, kancanyana emva kwemini, njengoba nje ngiqalile ukunyukela lapha, ngokuphathelene nalokhu; futhi mhlawumbe ngesikhathi esithile lapho ngithola isikhathi esithe xaxa phakathi neviki, iNkosi ithanda.

<sup>13</sup> Manje, bangaki olapha abangakaze babe komunye wemihlangano ngaphambili, ake sibone izandla zenu, abangakaze babe komunye wemihlangano. Awu, awu, siyakujabulela ukuba nawe lapha kulelitabernakele elincane, kulobubusuku, nakulenkundla, engicabanga ukuthi yake yasetshenziselwa ukulwa ngokubambana ngezandla (kwakungenjalo na?) noma ukulwa ngesibhakela, nokunye nokunye.

<sup>14</sup> Ngiyakhumbula ngashumayela lapha, esikhathini esingeside esedlule, eVincennes, e-Indiana... Evansville, e-Indiana, njalo, lapho ngangena kwiGolden Gloves, njenge-inganyana. Ngabe sengithola ukulwa ezimpini ezisesigabeni esikhokhelwayo, njengomfana, futhi nganqoba izimpi ezisesigabeni esikhokhelwayo eziyishumi nanhlanu ngokulandelana. Futhi ngehlulwa kweyodwa, futhi lokho kwakungokulingana e-Evansville, e-Indiana. Futhi enkundleni efanayo, lapho engilwe nalendoda, ngabuyela emuva ngishumayela iVangeli. Ngathi, "Manje ngiyalwa, hhayi umfowethu, kodwa udeveli obebopha umfowethu." Lokho yi...

<sup>15</sup> Futhi ngakho-ke silapha kulobubusuku, futhi indawo iguquliwe isuka ekuzameni ukubopha omunye nomunye ngamafindo okulwa ngokubambana ngezandla, futhi ngizama ukubopha udeveli efindweni elinjalo, ngomBhalo, akakwazi ukuphuma kulo aze athathe ukubala. Kunjalo. Futhi manje sikhulekela ukuthi iNkosi izosisiza senze lokhu.

<sup>16</sup> Ngiphinda futhi nje manje, ngabe ukhona noma ubani, ngaphambi nje kokuba sifunde iZwi, othanda ukukhunjulwa emkhulekweni na? Phakamisa isandla sakho nje. Ngiyazi kuyashisa lapha kulobubusuku, yingaleso sizathu sizophuthuma.

<sup>17</sup> Futhi, khumbulani, buyani kusasa ebusuku. Futhi lokho nguLwesithathu ebusuku, ngoLwesine ebusuku, ngoLwesihlanu ebusuku. Futhi ngiyacabanga, ngoMgqibelo ekuseni, ngikubonile ohlwini, okwesidlo sasekuseni seBusiness

Men, ngoMgqibelo ekuseni. NgoMgqibelo ebusuku, eSikoleni esiPhakeme iLane Tech. Futhi ngeSonto, ngeSonto ntambama neSonto ebusuku, lapha. Asi. . .

<sup>18</sup> Ini? [Umfowethu uthi, “Yithi ukukhuluma kakhulu *kule* mayikhi.”—Umhl.] Kulena na? Kulungile. [“Lena khona lapha.”] Yebo. Ningakuzwa lokho kangcono na? [Ibandla lithi, “Yebo.”] Yileyo na? Kukahle. Kulungile, mnumzane, ngizokhumbula ukuma *kulelicala*.

Manje asikhothamise amakhanda ethu.

<sup>19</sup> Manje, Baba waseZulwini, njengoba sisondele kulelihora, lapho owesilisa nowesifazane bezofanele benze ukukhetha, siyaqonda ukuthi ngeke sikwazi ukuphuma kulesi sakhiwo sifana njengoba singenile. Singeke neze singene eNdlini yeNkosi, futhi siphume sifana; sihamba singcono noma sibabi kakhulu. Siphe khona, Nkosi, ukuthi singaphuma, kulobubusuku, singcono kunangenkathi singena.

<sup>20</sup> Futhi lamagama ambalwa, nalezi zindikimba, imiBhalo engiyibhalile phansi lapha okoMlayezo omncane, kulobubusuku, kwangathi ingaba ngeyokuhlonipha uKristu. Kwangathi abantu baKhe, ekuWuzweni, bemukele ukukholwa, ngokuba ngempela siyakholwa ukuthi siphila emahoreni okugcina osuku lokugcina. Ilanga belishona isikhashana impela. Ukubekezela kukaNkulunkulu kuye kwalibamba. Ngamathunzi ayabuthana manje. Futhi siyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzosenza siqonde lokhu kunanini ngaphambili empilweni.

<sup>21</sup> Busisa labo bantu abaphakamise izandla zabo. Sithethelele izono zethu. Siphe ukukholwa eZwini laKho nokuFika kweNdodana yaKho. Ngokuba sikucela eGameni laKhe nangenkazimulo yaKhe. Amen.

<sup>22</sup> [Omunye uthi, “Futhi babuzile ukuthi uzokhuleka yini. Kukhona inekazi ngemuva, belikakhulu, ligula kakhulu, futhi liqulekile.”—Umhl.] Umzuzwana nje. Kukhona inekazi emuva le ngemuva, eliqulekile, ngiyakholwa kunjalo, futhi liyagula. Asikhuleke nje.

<sup>23</sup> Baba waseZulwini, eGameni likaJesu iNdodana yaKho, kwangathi amandla lawo avusa leyo nsizwa ngalobobusuku, ehlala ubusuku bonke gulukunqu, ilalele uPawulu eshumayela, kwangathi amandla afanayo ayivusa yaphila futhi, kwangathi angenza ngokufanayo ngalodadewethu oqulekile, mhlawumbe ngenxa yokushisa, futhi usemuva lapho egula. Makuthi uMoya oNgcwele, Nkosi, wokuPhila, uze phezu kwakhe futhi uqinise impilo yakhe efayo. Siphe khona, Nkosi. Sikunikela kuWe manje, eGameni likaJesu Kristu iNdodana yaKho. Amen.

<sup>24</sup> Mangizwe kini. Uma kuya ngokuba kubi, ngizoya emuva futhi ngimbone.

<sup>25</sup> Manje ngaleya eNcwadini kaJohane oNgcwele, isahluko 12 nevesi 32, ngifisa ukufunda ingxenye encane yomBhalo, ngendlela nje yokwenza indikimba, ukwakha ingqikithi. Futhi ngiyabona ukuthi kunzima kini ukuba ningizwe, nginganitshela ngendlela enenza ngayo, ukuwawaza e—esakhiweni, futhi ngizozama ukukhuluma ngokucacile ngangengingakwenza. Ngifuna ukufunda lendikimba, uJesu ekhuluma:

*Khona-ke mina, uma ngiphakanyiswa emhlabeni,  
ngizodonsela bonke umuntu kimi.*

<sup>26</sup> Ngifuna ukuthatha lokhu kube indikimba: *Kunendlela Eyodwa Kuphela Ehlizekwe NguNkulunkulu Yanoma Yini.* Indlela eyodwa ehlinzekwe nguNkulunkulu ukhulangabezana nanoma yini. Manje, noma iyiphi enye indlela, ngaphandle kwalendlela, iyoba yindlela ephendukezelwe, kwekaNkulunkulu. UNkulunkulu engaba nendlela eyodwa kuphela yokwenza noma yini. Indlela yaKhe yokuqala ihlala njalo iyiyona ndlela kuphela Angake akwenze. Ngokuba, uNkulunkulu, enza ukukhetha noma isinqumo, kufanele ngaso sonke isikhathi ahlale naleso sinqumo. Futhi uma Eshintsha lesi sinqumo, ngenxa yendlela engcono, khona-ke kubonisa ukuthi uNkulunkulu akayena uNkulunkulu, Akanasiphelo, Wathola into engcono kunalokho Ayekwazi endaweni yokuqala. Yena, Akaguquki. Wenza izindlela zaKhe ziphelele. AmaZwi aKhe aphelele. Futhi noma iyiphi indlela esusa, noma inezele kukho, noma yini uNkulunkulu ayihlinzekile, ayilungile.

<sup>27</sup> Ngiyakholwa, eNcwadini yokugcina yeBhayibheli, ebizwa ngokuthi iSambulo, kulotshiwe, “Uma ekhona onezela iziwi elilodwa, noma asuse iZwi kuYo, okwakhe okufanayo, isabelo sakhe siyosuswa eNcwadini yokuPhila.”

<sup>28</sup> Futhi manje, ngakho-ke, uNkulunkulu wenze indlela, futhi indlela ephela, futhi simelwe ukuba sihambe ngayo ngqo, hhayi ukuzama ukuYenza ibe ngcono, hhayi ukuzama ukususa noma yini kuYo, ujovala noma yini, noma ususe noma yini kuYo. Kumele siYithathe ngendlela nje uNkulunkulu aYibeke ngayo. Noma yini enye ayilungile.

<sup>29</sup> Ngisho eNcwadini kaGenesis, ekuqaleni, uNkulunkulu wathi, kuGenesis 1, ukhuluma ngemvelo. Wathi, “Yonke imbewu mayiveze inhlobo yayo.” Yonke imbewu ifanele igcine inhlobo yayo. Manje, ukuguqula lokho, kuyoba ukwenza into ethize uNkulunkulu athe ungayenzi.

<sup>30</sup> Futhi manje sithola ukuthi, futhi manje bukani umuntu, lokho akwenzile ngokuphambanisa indlela kaNkulunkulu yokuphila. Sifuna ukuthatha lokhu kube yisendlalelo, ukusho lokho engifuna ukukusho kini ngeNkosi uJesu. Niyabo, lapho umuntu...Ngenkathi uNkulunkulu enze imbewu, Wayenza yapelela, futhi manje umuntu uzamile ukujovela okuthile kuleyo mbewu.

<sup>31</sup> Isibonelo nje, namuhla, ngikhuphuka, ngiqaphele eningizimu ye-Indiana, nakho konke enhla ukudabula e-Indiana, nangakhona, bekukhona, esikubize ngo, “mmbila obhasteliwe.” Futhi yeka isikhwebu esihle kakhulu lowo mmbila oyiso, kodwa awulungile nhlobo. Ubukeka kangcono, kodwa awungcono. Ngokoqobo awulungile nhlobo.

<sup>32</sup> Futhi sithola ukuthi, ngokubhastela izinkukhu, sithola ukuthi... Nike nazama ukudla inkukhu ethosiwe kulezi zinsuku na? Awu, awukwazi ukukwenza impela. I—iyanuka futhi inambitheka njenge, ngiqonde ukuthi, inambitheka njengenkukhu enukayo. Ngakho kuyini na? Kukhona abantu abangamakhulu ayisishiyagalombili abalele begula eJeffersonville, eLouisville naseNew Albany, manje, ngokudla amaqanda avela ezinkukhwini ezibhasteliwe. Niyabo, bathathe inkukhu futhi bayizalisa ngezindlela ezahlukene.

<sup>33</sup> Bese kuthi-ke, enye into, bafika endaweni lapho befutha ngalezi zinto zomiyane, futhi bathole le DDT. Izinkukhu nezilwane zicosha lokho.

<sup>34</sup> Ngokuqinisekile siphila osukwini lokugcina. Bazalanisa izinto ezahlukene ndawonye, bexubanisa, futhi kwenza u—u—umkhiqizo ongalungile.

<sup>35</sup> Ngokwenza lokhu, ngangifunda ephepheni lezokwelapha, ngikholwa ukuthi kwakuyilo, bese kuthi-ke kwi*Reader's Digest*, ngokuthi kuyiguqule kanjani inkambo yokuphila kubantu. Sekuze kuphendukezele ngisho owesilisa nowesifazane, indoda afana kakhulu nabesifazane, nabesifazane njengendoda. Amadoda aba sa—sasitabane, futhi—futhi abesifazane baba ngabesilisa. Yizinto ezibhasteliwe. Niyabo, lelo ngqamuzana esilidla kulesi silwane esibhasteliwe, empeleni akusilona ingqamuzana elilungele thina. Ngakho-ke, ekwenzeni lokho, niyabo, lelo ngqamuzana elivela esilwaneni, noma ingqamuzana elivela kukolo, noma elivela emmbileni, akusilo ingqamuzana elilungile.

<sup>36</sup> Ukuze wenze lokhu kukhule, kubukeke kukukhulu, kufanele kufuthwe ngaso sonke isikhathi.

<sup>37</sup> Manje, isitshalo sasekuqaleni, isitshalo esihle esinempilo, asidingeki ukuba sifuthwe nhlobo. Akukho silokazane esizosikhathaza, ngoba sinokuxoshayo, ngokwaso, esikukhiphayo, okugcina zonke izilokazane zisukile kuso. Manje, leyo indlela kaNkulunkulu.

<sup>38</sup> Okwaletha ukugula ezweni kwakuyisono. Ngenkathi umuntu eqhela endleleni kaNkulunkulu ehlinzekiwe, wazivulela kuwo wonke udeveli owayekhona, ekuguleni, nokunye nokunye. Ngoba, ufanele agcine umuthi, futhi wafutha, futhi nje yizizukulwane ngasinye sizalaniswa kwesinye. Manje ungahle ube ngumKristu, futhi umkakho angahle abe ngumKristu; kodwa izimbewana zomzimba wakho namanje ziseyifa elivela

kuyihlo kanye nomkhulu wakho, futhi kwehle njalo. Njengoba uDaniyeli wathi, “Isizukulwane ngasinye sizoba buthakathaka futhi sihlakaniphile.” Futhi kuthole lonke uhlanga, lonke uhlanga lwesintu, luyafa.

<sup>39</sup> Cabanga nje, eminyakeni embalwa eyedlule, awuzange uzwe ngomuntu elimala edlala ibheysbholi. Manje bafanele basebenzise umakalabha, ukushaya ngawo, babulala abaningi kakhulu njalo ngonyaka. Ushaya indoda, ithambe kakhulu, ifana nesilwane okuhlolwa ngaso imithi, iyafa nje khona manje. Futhi niyaqaphela, futhi, babevamise uku. . .

<sup>40</sup> Njengalomdlalo wesibhakela, ngikholwa ukuthi kwakunguBob Fitzsimmons noCorbett, balwa imizungezo eyikhulu namashumi amabili nanhlanu. Manje imizungezo emibili kuya kweyishumi, bese kuthi-ke ufanele ubasebenze inyanga ukuze ubabuyisele ekuphileni futhi. Bese kuthi-ke babelwa bengafake maglavu, futhi manje sinombhede wamaqubu uzungeleze izandla zethu—zethu uma silwa. Futhi manje bazodingeka bamise umdlalo, kungenxa yokuthi njalo uma ushaya oyedwa, sicishe simbulale. Niyabo? Futhi niyabo, wena, kungukuthi. . .

<sup>41</sup> Futhi lonke uhlanga alusekho. Akukho themba elisele. Konke sekusekupheleni kwakho: izinkomo, ummbila, konke.

<sup>42</sup> Manje, ungeke uthathe isitshalo esitshaliwe, futhi usibhastelise kwenye into, ukukubuyisa futhi futhi usitshale, ngeke sikwenze. Ngeke siphinde sizikhiqize ngokwaso. Asikwazi. Ngoba, uMyalo kaNkulunkulu usalokhu umi ufana, “Yonke imbewu ifanele iveze uhlobo lwayo.” Uma kungenjalo, yimbewu ebhasteliwe enemphilo ephendukezelwe, futhi izofa masinyane. Utshala ummbila obhasteliwe, uzokhula cishe nje lapho isikhwebu sifanele sihlale khona, uyoba phuzi futhi ubuyele emuva.

<sup>43</sup> Manje yileyo ndlela efanayo abakwenze ngezilwane. Bakwenzile ngezimbewu. Bakwenzile ngakho konke okunye.

<sup>44</sup> Futhi bakwenzile ebandleni. Ngukuzama ukwenza ibandla elihle kancane, indawo engcono, i—into enhle, izinto ezinkulu. Bakubhastelile, ngokukuxubanisa ngolunye uhlobo lwezimfundiso ezenziwe ngumuntu, nokunye nokunye, futhi sekufinyelela phezulu eZwini, lapho Lingaphinda lizikhiqize khona futhi, futhi life futhi. Niyabo? Futhi kukhona. . . Wena nje kalula. . .

<sup>45</sup> Kukhona indlela eyodwa yokwenza noma yini, futhi leyo yindlela kaNkulunkulu. Futhi ngaphandle kwalokho, konke kuphelile, ngoba ngeke kuzikhiqize futhi. NginemiBhalo yalezizinto, ukufakazisa ukuthi kuzoba lapha ngezinsuku zokugcina.

<sup>46</sup> Ngenkathi ngizwa leso simo seqanda ngolunye usuku, ngabuyela encwadini yami lapho iNkosi yakhuluma khona

kimi ngo 1931, futhi lapho ngangibhale encwadini yami, “Ezinsukwini zokugcina, xwayisa abantu ukuthi bangadli amaqanda noma bahlale esigodini.” Futhi, niyabo, ngingazi ukuthi yikuphi ukuhlakazeka nezinto okuyoba khona, niyabo, kodwa nokho iNkosi yakuxwayisa ngaphambili lokho, emuva le iminyaka engamashumi amathathu edlule, niyabo, “Ningahlali esigodini, ezinsukwini zokugcina,” futhi, “Ningawadli amaqanda,” konke kuzoba nobuthi. Niyabo? Futhi yilokho nje okwenzekile. Manje cabanga nje lokho, iminyaka engamashumi amathathu nento edlule.

<sup>47</sup> IZwi likaNkulunkulu liyimbewu. UJesu washo kanjalo, ukuthi, “IZwi likaNkulunkulu laliyiMbewu umhlwanyeli ayihlwanyelayo.” Futhi *Leli* yiyona Mbewu kuphela ezokhiqiza ukuPhila okuPhakade. Manje singaba nazo zonke izinhlobo zempilo, kodwa impilo. . . impilo yebandla, impilo yasekhaya, impilo yomndeni, impilo kazwelonke. Kodwa ukuPhila okuPhakade kuphela kuza ngeZwi likaNkulunkulu. Leyo—leyo iyona Mbewu kuphela engakhiqiza ukuPhila okuPhakade. Futhi manje bazama uku, bazalanisa *Leli* nezivumokholo, bafake isivumokholo esithile, okunye okunanyatheliswayo kwehlelo noma into ethize kuLo. Futhi lokho abakwenzile, ngokwenza lokhu, kubeke ibandla endaweni lize likhule lifinyelele endaweni lapho belifanele lemukele khona iMbewu, iZwi langempela, futhi yisimo esibhasteliwe, lizohlehlela ekufundiseni kwalo kwehlelo, futhi lishiye iZwi likaNkulunkulu langempela lodwa.

<sup>48</sup> Ngakho-ke, sisesikhathini sokuphela. Akusekho themba elilodwa elisele. Singeke sakhela phezu kwalesi sizwe. Lesi sizwe sisekelwe phezu kwezombusazwe. Ezombusazwe seziphelile. Zi. . . Sikhohlakale ngakho konke. Uma u. . .

<sup>49</sup> Nike nalifunda iphephabhuku i*Life*, lapho lo mmeli, noma—noma lomahluleli, indodana yakhe, umfana? Wayenzima kakhulu ekuncintisaneni laboRicky, nokunye nokunye, phandle lapha, lezi zimoto ezindala zezubane. Futhi umfana wakhe wabulala isigejane sabantu, umfana omncane—omncane, ingane yomfana encane, nesigejane. Futhi umahluleli wamkhulula. Konke ukudlalwa kwezombusazwe!

<sup>50</sup> Niyabo, impilo kazwelonke ayisekho. Impilo yezitshalo zemvelo ayisekho. Kuzalaniswe izinto ezahlukene nakho konke kuze kube akusekho mpilo kukho. Impilo yomuntu iyinyakanyaka njalo njalo.

<sup>51</sup> Futhi impilo yangokomoya isekuhlehleni kwamagagasi okuphansi kunakho konke eyake yaba kukho. Niyabo? Niyabo, lapho, ibhastelwe kakhulu. Konke kufakelwe futhi kwengezelwa okuthile kukho, ukukwenza kube ngcono *ngale* ndlela. Ngiyanitshela, ngisho naseminyakazweni yethu yePentecostal;



lapho, sasivame ukwehlela emabhareni amadala njengale, nezindawo.

<sup>52</sup> Ngaphenduka ebhareni eguquliwe. Futhi ngizizwa kakhulu ngisekhaya manje. Ngibheka emuva lapho futhi ngibona leyondawo yokuthengisela, nokunye nokunye. Kwakungelincane, ibandla lamakhaladi, lapho engamukela khona umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, ngaholelwa lapho yiNkosi.

<sup>53</sup> Manje, ukubona lezi zinhlobo zezindawo, a—abafuni. Bafanele babe negama elikhulu elifekethisiwe ngemuva kwalo. Lizomele libe nokuningi ngemuva kwalo, noma abantu bangeke... Limele libe lihle kakhulu, ngaphandle, kuze kube uma li—lingesiyo leyondlela, khona-ke abantu abafuni kuzihlanganisa ngalutho nalo.

<sup>54</sup> Kodwa qaphelani iZwi leNkosi! Manje, uNkulunkulu unendlela yokwenza izinto, futhi sifanele sikwenze ngendlela Afuna kwenziwe ngayo. Uma kungenjalo, khona-ke akunamsebenzi. UJesu wathola into enjengayo, ngenkathi Efika ngosuku lwaKhe. Wathi, “Nina, ngamasiko enu, nenze i—iZwi likaNkulunkulu ize, ngamasiko enu.” Niyabo, babhastelise kukho, bajovele eMiyalweni kaNkulunkulu amasiko angawabo, okwenze iMiyalo yaba yize.

<sup>55</sup> Namuhla, ngiyazi ukuthi sekube yinto efanayo. Akukho lutho olusele, mngane wami ongumKristu, kepha ukuFika kweNkosi uJesu Kristu. Yilona themba kuphela ibandla elinalo. Kuze kube yilapho lifika, uma like lithathe ihlelo futhi, seliphelile, ngoba lonke ihlelo liphelile lapho liba yihlelo. Yiyona kanye lento...

<sup>56</sup> Ngizosho okuthize lapha, mhlawumbe ebengingafanele ngiyisho, kodwa nokho ngikholwa ukuthi bengifanele ngiyisho.

<sup>57</sup> Uma niqaphela, uLusifa wenza ncamashi into efanayo, namhlanje, leyo ayenza ekuqaleni. Niyabo? ULusifa, ekuqaleni, wayefuna ukuzakhela umbuso owawumkhulu kakhulu futhi umuhle ngokwedlulele kunombuso kaMikayeli, uKristu. Yena, lokho kwakuyizinhloso zakhe, ukuzuza into enjengaleyo. Futhi watholani ukukwenza ngakho na? Wathatha izingelosi eziwile ezazilahlekelwe ifa lazo lokuqala. Wathatha lokho ukwenza ngakho.

<sup>58</sup> Futhi, namhlanje, uLusifa ungene ebandleni, futhi wasusa iZwi, futhi wajovele ihlelo. Futhi wakha ibandla, umnyakazo wenkolo yonke yobukristu oqhubekayo manje, ukuhlanganisa wonke amaprotestane ndawonye, futhi wonke angene kwiKatolika. Futhi lo papa abanaye manje, ukuba enze into efanayo, ncamashi lokho umBhalo owathi kuyokwenza. Futhi wenzani ngakho na? Ukwenza ngomuntu waleyo minyakazo emikhulu yenkolo yonke yobukristu, ongamazi uNkulunkulu; futhi iningi labo kumaPentecostal, ngoba benza okufanayo.

Kuyini na? Ukwenza ngezingelosi eziwile, amaLuthela awile, amaMethodisti awile, iPentecostal ewile, olahlekelwe ifa labo lasekuqaleni eZwini likaNkulunkulu, futhi uphindela emuva ngqo phakathi ukwenza umnyakazo omkhulu wenkolo yonke yobukristu. Izithunywa eziwile, izithunywa ezake zahlala neZwi, kodwa zathengiswa ngobuzibulo bazo futhi zajoyinana nezwe. Into efanayo, isosukwini lokugcina. Futhi eyabo iLu- . . . Futhi uLusifa uyazuzisa namhlanje, ngomuntu onaleyo mimoya kubo, lokho akwenza ngezingelosi ekuqaleni, izingelosi eziwile engagcinanga ifa lazo lokuqala ukulalela uNkulunkulu. Futhi wenza into efanayo namhlanje.

<sup>59</sup> O, awusoze wathola enye indlela, noma iyiphi enye indlela sanhlobo; Angikhathali uma usebhareni, noma usesitaladini, noma ngabe ukuphi. Indlela ehlinzekwe nguNkulunkulu ngomuntu, ukuba eze kuKristu futhi amukele ukuPhila okuPhakade. UJesu wathi, “Mina, uma Ngiphakanyiswa emhlabeni, Ngizodonsela bonke abantu kiMi.” Yileyo kuphela indlela kaNkulunkulu. “Uma Ngiphakanyiswa emhlabeni, ngizodonsela bonke abantu kimi.”

<sup>60</sup> Unguye izolo, namuhla, naphakade. Wathi, kuJohane oNgcwele, isahluko 14 nevesi 12, “Okholwa yiMi, imisebenzi eNgiyenzayo naye uyakuyenza.” Indlela kaNkulunkulu ehlinzekiwe. UMarku 16 wathi, “Lezi zibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. NgeGama laMi bayakukhipha amademoni. Bayakukhuluma ngezilimi ezintsha. Uma bephatha izinyoka noma baphuze okubulalayo, akusoze kwabalimaza. Bayakubeka izandla kwabagulayo, basinde.” Zona kanye izinto uKristu azenza! Lokho ngukuthi . . .

<sup>61</sup> WayeyiZwi likaNkulunkulu elibonakalisiwe. Wayeyisethembiso sikaNkulunkulu, esiqinisekisiwe. Waye—WayenguNkulunkulu esimeni senyama. IBhayibheli lasho ukuthi, “UNkulunkulu wayekuKristu.” Lowo Jehova omkhulu owadala amazulu nomhlaba, wabonakaliswa enyameni, iNkosi uJesu. Futhi kulowoMuntu oyedwa, Wayekwazi ukuzuzisa. Kuze kuba . . . Wakuzama ngoMose, futhi Wakwenza kuJakobe, futhi Wakwenza kuJosefa. Kodwa Ufika ekugcwaleni kwaKhe, kuMuntu uKristu, Wayengukugcwala kobuNkulunkulu emzimbeni, lapho uNkulunkulu wayengaziveza Yena uqobo. Futhi Wathi, “Ubani ongaNgimangalela ngesono na? *Isono* kungu ‘kungakholwa.’ Uma Ngingenzanga khona kanye lokho umBhalo owathi Ngiyokwenza, khona-ke ngubani ongaNgilahla ngecala futhi asho lapho ngehluleke khona kanye na?” Niyabo, yindlela kaNkulunkulu ehlinzekiwe.

<sup>62</sup> Futhi uKristu, OLungileyo, wadingeka afe ukuze aveze ukuPhila okuPhakade ngeGazi laKhe, ehlinzeka ngengqamuzana leGazi laKhe, ukuze Asiphe ukuPhila okuPhakade. Leyo yindlela kaNkulunkulu ehlinzekiwe.

<sup>63</sup> Akukaze kwaba khona noma yini eyake yahlula indlela kaNkulunkulu kunoma yini. Angikhathali ukuthi kuyini. Uma abantu bengavele nje bengazami ukujovela imibono engeyabo, kodwa nje bakuthathe ngendlela uNkulunkulu akusho ngayo, beKukholwa. Niyabo, kubukeka sengathi kunzima kakhulu kumuntu ukuphuma nje emibonweni engeyakhe uqobo, nje ufanele abe nento ethize ukuba ayenze kuLo, yena uqobo. Ubehlala njalo eninda, uma nizongixolela ngokuzwakalisa, ubehlala njalo eninda indlela kaNkulunkulu ngaye, ngokujovela indlela yakhe kuLo.

<sup>64</sup> Ngabe bake baba khona, ucabanga ukuthi bangathola indlela engcono yenkukhu ukuba izalwe, kunokungqofoza indlela yayo iphume egobolondweni na? Ngiyazibuza nje uma ungathola indlela engcono. Qhabo, mnumzane. Izalwa nohlamvu oluncane ekugcineni koqhawaku lwayo oluncane. Futhi ngaso sonke isikhathi ikhanda layo elincane linqekuza emuva naphambili, "Amen, Amen, Amen," ihwaya lelo gobolondo ize izihwaye iphume igijime yona ngokwayo. Yebo, mnumzane. Awusoza wathola indlela engcono, ngoba leyo indlela kaNkulunkulu ehlinzekiwe.

<sup>65</sup> Manje, kuthiwani uma ibinohlamvu okuncane oqhawakwini lwayo, futhi wena wathi, "Ichwane elincane bandla; uyazi, ngizokutholela indlela engcono, ngizoqhekeza igobolondo nje futhi ngikukhiphe"? Bekuzolibulala. Kunjalo. Belizofa. Belingeke liphile.

<sup>66</sup> Lizofanele lenze lokho ukuze lakhe amandla alo okuqina anele ukwamukela umoya nezinto lapho liphuma. Uma lona . . . Lihlinzekwe ngethuluzi. Linalolohlamvu oluncane. Nikubonile, izinyoni ezincane nezinkukhu. Futhi lapho linqekuzisa ikhanda lalo elincane, lihwaya leloqanda emuva naphambili lize lilunguze indlela yalo yokuphuma.

<sup>67</sup> Uma uzothatha lokho njengesibonelo, noma ngendlela yokwenza iphuzu, leyo yindlela kaNkulunkulu ngamaKristu ukuba azalwe. Hhayi ukunyukela e-altare futhi unike indoda isandla sakho sokunene, futhi ufake igama lakho encwadini. Kodwa ukwehlela lapho bese ulunguza futhi ukhale futhi uncenge futhi unxuse kuze kuba uNkulunkulu ukunika amandla okuqina, khona-ke uphuma ngaphandle kwegobolondo lezwe.

<sup>68</sup> Uma othile, umelusi, avele eqhekeze igobolondo futhi akukhiphe, athi, "O, awu, kulungile, sizokungenisa noma kanjani," usufile. Yilokho kuphela okukukho.

<sup>69</sup> Ufanele uze ngendlela kaNkulunkulu ehlinzekiwe. Futhi yileyo ndlela bonke abanye okwadineka baze ngayo, ngokuzalwa ngoMoya kaNkulunkulu. Hlala lapho kuze kube! Kade kangakanani na? Kuze kube! Watshela lawo maqembu okuqala amapentecostal ukuba "ahlale emzini waseJerusalema, kuze kube." Akwenzi mehluko, usuku olulodwa, izinsuku

ezinhlanu, izinsuku eziyisishiyagalolunye, noma ngabe kwakuyikuphi, hlale lapho baze bagcwaliswe ngoMoya, baze bazalwe ngokusha.

<sup>70</sup> Amadada namahansi, awakaze athole indlela yamadada namahansi uku-ukulungela ukuza eNingizimu, esuka eNyakatho lapha, kunanendlela kaNkulunkulu ehlinzekiwe yokuba wona abhuze. Esikhathini esithile esedlule, ngaba nesifundo esihle kulokho. Ngangisezansi eTexas, futhi ngaqaphela, sasehla ngomgwaqo, futhi isiminyamina sezimoto samiswa cishe impela ingxenye yemayela. Futhi ngathi kwabanye babo, “Yini indaba na?”

Wathi, “Amahansi onke angaphezu komgwaqo.”

<sup>71</sup> Awu, ekugcineni, ngenkathi ngifika phezulu lapho, wawungeke uzizwe wena uqobo ucabanga. Ayenemvuselelo. Onke ayelungela ukundiza. Ayeya ekhaya, ekhuphukela eNyakatho endlini yawo, lapho ayengakhulisa abanye abancinyane. Futhi ayenemvuselelo, ebhuza, ngaphambi kokuhamba.

<sup>72</sup> Manje, leyo yindlela kaNkulunkulu ehlinzekiwe, ukubhuza, wonke ahlngana ndawonye. Elinye lali le ngalapha, nelinye le ngalapho, nelinye le ngaleya kwenye indawo, elilodwa ensimini yerayisi eyodwa, nelinye ensimini kakolo; kodwa into ethize enye, ngandlela thize, ngosuku oluthile, (Angazi ukuthi kungani, kanjani), kodwa ngosuku oluthile, nanka onke ayahlngana, kubonakala sengathi nje kukhona okuwadonsile. Sikubiza ngokuthi “ukuzibonela ngokwemvelo.” Kungukuzibonela ngokwemvelo akunikwe nguNkulunkulu, ukuhlngana ngaphambi kokundiza.

<sup>73</sup> Niyabona ukuthi uNkulunkulu uzama ukwenzani manje na? Udonsa iBandla laKhe lusuka ohlangothini olulodwa liya kolunye, ukuthola imvuselelo, imvuselelo yesikhathi sakudala njengoba amahansi ebehlala njalo enza.

<sup>74</sup> Manje kuthiwani uma bezame enye indlela, bathi, “Awu, manje sizothatha nje enye indlela?” Babengeke bafike lapho. Qhabo, mnumzane. Kuthiwani uma ubuzothi, “Awu, manje ngizonitshela ukuthini, sizowenzela indlela engcono. Sizowelusa wonke angene ehlokwaneni bese siwanyusa angene ehlokwaneni, siwafake ehlokwaneni elincane lezinkulu, noma silenzele ihhokwana lamadada noma ihhokwana lamahansi noma yini ofuna ukukwenza khona, bese siwafaka kulokho bese siwanyusela lapho?” Ucabanga ukuthi lokho bekungaba indlela engcono, bathi, “O, singawanikeza. . . O, ngiyanitshela, besingawondla kangcono, emgwaqeni?” Qhabo, ubungeke ukwenze.

<sup>75</sup> Kukhona okusanhlamvu okunjalo okuphakathi emachibini nasemasimini, ukhula nezinto okufanele bazithole, ukuze kubanike amandla okuqina ukuze babe yilokho abayikho lapho

befika lapho. Wona, uma engakutholanga lokho, ebengeke... ebengeke akhulise abancinyane babo. Ebengeke abe amadada asekuqaleni. Abeyoba ngamabhastela njengoba sinjalo, niyabo, uma abedingeka athathe lokho. Kodwa uNkulunkulu unendlela yo—yokukwenza.

<sup>76</sup> Bawafaka ehhokwaneni, niyazi ukuthi lawo madada abeyokwazi kahle manje na? Uwafake ehlelweni kanjalo, ayazi ukuthi ayelungele ukuhlatshwa. Yilokho kuphela. Yilokho okwenzayo uma uwafaka ndawonye ehhokweni, aya ekuhlatshweni. Amadada anomqondo ongcono kunesinawo, ngalokho. Uma uya kowavalela ehhokwaneni ndawonye ejele elenziwe umuntu, awu, khona-ke, niyabo, idada liyazi alikabi nayo inkululeko yalo yokundiza emoyeni, futhi lenze njengoba uNkulunkulu alihlinzekele ukuba likwenze. Futhi ulifake ehhokwaneni, khona-ke se—selihambile. Yilokho kuphela. Uwavalela ehhokwaneni lapho ezoya ekuhlatshweni. Futhi idada lazi kangcono. Besifanele sazi.

<sup>77</sup> Kanjalo ngeke uwakhethela umzila ongcono wokuhamba. Umzila, uma ufuna ukukubiza kanjalo, phezulu lapha, ngiyacabanga. Ezansi ekhaya, eNingizimu, kusengumzila, kodwa phezulu lapha ngicabanga ukuthi bakubiza ngokuthi umzila. Uyacabanga, uma ungahle uthi, “Manje lalalani, ngizonitshela lokho enifanele nikwenze. Benifanele nibuyele emuva ngendlela ethize futhi nehle ngenye indlela, futhi phansi ngale ndlela.” Ucabanga ukuthi ubungawakhethela indlela engcono ukuhamba ngayo, kunendlela kaNkulunkulu ehlinzekiwe yokuba ahambe ngayo na? Awu, ubuzowathola ohlobweni oluthile lwe—into ethile, ubuyowadonsela ngalapha ngomunye umazibuthe noma into ethile. Abengeke neze... Ubuwazodonsa adlule eziphephweni, futhi adlule kukho konke okunye, isigamu sawo abeyolahleka.

<sup>78</sup> Awu, ungeke uwanike indlela engcono. Wona, ahamba ngendlela kaNkulunkulu ehlinzekiwe. Angezwa ngephunga lezo ziphepho, amamayela ukuqhela, futhi azi ukuthi azizinzisa kanjani futhi alungele isiphepho, aphinde avuke futhi. UNkulunkulu unendlela ehlinzekelwe wona, futhi anomuzwa wedada ngokwanele ukulandela indlela kaNkulunkulu ehlinzekiwe. Asinawo. Sizama ukwenza indlela engcono kunaleyo uNkulunkulu asenzele yona. Niyabo, sifuna ukuba nento ethile kuyo, ngokwethu. Idada alinaki lokho; livele lihambe nje ngendlela uNkulunkulu alifuna lihambe ngayo, indlela okhokho balo abahamba ngayo, indlela ukhokho-kakhokho-kakhokho-kakhokho-kagogo enza ngayo, futhi kuqhubeke kanjalo.

<sup>79</sup> Uma singatha umlando wobaba bethu emuva, ePentekoste, siyokwazi ukuthi kufikwa kanjani lapho. UNkulunkulu wayenendlela ehlinzekiwe, ngeZwi laKhe nangoMoya waKhe oNgcwele. Kodwa sifuna ukuhamba ngenye indlela

uDokotela *S'bani-bani* ayisho, noma iqembu elithile lomuntu lahlangana ndawonye futhi lasho. Lokho kuqhele le endleleni kaNkulunkulu ehlinzekiwe. Ibandla lintweze kahle endleleni kaNkulunkulu ehlinzekiwe, ukuya emkhandlwini waseNayisiya, eRoma, futhi yilapho abenza khona iphutha labo elinokufa. Kuthiwani uma ubungathatha. . .

<sup>80</sup> Futhi manje ucabanga ngokuwatholela indlela engcono, noma ungawatholela umholi ongcono kunomholi ohlinzekwe nguNkulunkulu kuwo? Manje mhlawumbe ungathatha iqhude lehansi elidala phandle lapha ndawo ndawo, futhi ulikhiphele phandle lapho futhi ulondle ngamavithamini athile, nokunye nokunye, futhi ulinike ubizo olukhethekile, uyazi. Ulithumele phandle lapho, futhi ufake isikhalisi somsindo wokukhala kwedada esincane emlonyeni walo, ukuthi ungahle ube no—u—umsindo ukuthi lingacishe linswininize ngalokho, futhi ungahle ukubhale kuwo wonke amaphepha, “I—idada elikwazi ukunswininiza. Futhi, o, wonke amadada libophezelekile ukuba lilithole. Lizokwazi ukuthi yiyiphi indlela ukuba liwayise kuyo, ngoba liphucuzekile futhi lifundile ngempela, futhi lilungisiwe. Lingakwenza.” Ungahle. . . Lingahle lihlale phandle lapho futhi linswininize, yonke intambama, akusoze kwaba khona idada elilizungezile.

<sup>81</sup> “Izimvu zaMi ziyalazi iPhimbo laMi, umfokazi ngeke zimlandele.”

<sup>82</sup> Lingahle lizwakale lilihle kancane. Lingahle libe namaphiko angcono. Li—lingahle londliwe kangcono. Lingahle libe yidada eliphucuzekile kangcono. Lingahle likwazi ukutshikiza noma noma yini, phandle lapho. Ubungeke usho ukuthi alenzi. Kodwa ngiyantshela, amadada awasoze alilandele uma linganikezanga lowo msindo owawuqondakala. Kunjalo. Amadada ayamazi umholi wawo, ngomsindo onikezwe nguNkulunkulu, ukuzibonela ngokwemvelo okunikwezwe nguNkulunkulu. Futhi awusoze ukwazi ukuthola eyodwa engcono kunaleyo, ngoba leyo yindlela kaNkulunkulu yangempela ehlinzekwe nguNkulunkulu ngawo.

<sup>83</sup> Futhi qaphelani, futhi, uma ngabe uqeqeshe ihansi elidala noma idada, ukuthatha lelo qembu, mhlawumbe ubuyolithatha khona ngqo esiqhoqhweni sezibhamu ingebe, lapho abantu belibheka khona. Kodwa, niyazi, lomholi ohlinzekwe nguNkulunkulu umyisa endaweni ehlinzekiwe kaNkulunkulu Anayo ngaye. Umthatha khona ngqo, ngani, eLouisiana, nasezansi emasimini erayisi lapho evikeleke khona, wonke unyaka. Ngani, ngokuqinisekile. UNkulunkulu uyazi ukuthi enzeni, futhi idada liyakwazi ukwenza lokho uNkulunkulu akufunayo ukuba likwenze, noma okuhlinzekelwe lona. Qaphelani.

<sup>84</sup> Ubungacabanga ukuthi ubungakha ithuluzi elingcono elihlinzekiwe kunalelo uNkulunkulu analo ngalo na? Manje, lelo dada elincane alikaze lishiye ichibi. Lazalelwa phezulu lapho emahlathini asenyakatho. Alikaze liphume echibini, empilweni yalo, kodwa ngandlela-thize lintweza lenyuke ngqo. Lingaya empumalanga, entshonalanga, enyakatho, eningizimu, noma iyiphi indlela elifuna ukuhamba ngayo; kodwa kukhona okulicindezelayo ukuba lihambe liqonde ngqo eningizimu, ilitshela ukuthi udlula kanjani emalumbweni abandayo, iziphepho nakho konke, futhi liphume kukho, ngqo lapho okukhona khona ukudla. UNkulunkulu unethuluzi kulelo dada, eliliholela khona kanye ngqo nje. Futhi abakaze bakwazi ukuthola enye indlela engcono layo (qhabo, mnumzane) kunendlela kaNkulunkulu ehlinzekiwe.

<sup>85</sup> Bona, abakaze bakwazi ukuthola indlela engcono yengane ukuba ithole lokho ekufunayo, kunokukukhalela. Ungahle, unгахle uyitshela ukuthi, “Awu, inga—inganyakazisa inqindi yayo encane, noma ingahamba ithi gluk kanjalo,” kodwa ayisoze ithole ukunakwa njengokukhala. Izomele ikukhalele. Yilokho kuphela. Ungahle uthi, “Awu, manje, ngizocupha iwashi lami le-alamu. Futhi ngizofanele ngifunze lengane ngesikhathi esithile, imizuzu eminingi kangaka, kuya kweminingi kangaka, isikhathi esingaka enginaso ukuyifunza.” Ucupha lelo washi le-alamu, bese ugxisha ibhodlela emlonyeni wayo, iyothi gluk futhi iliphimise. Faka ubisi emlonyeni wayo, futhi iyoliphimisa. Akukabi siso isikhathi okwamanje. Kodwa uNkulunkulu unendlela ehlinzekiwe, Ucupha iwashi elincane le-alamu, phansi *lapho*, futhi, lapho sekuyiso, ayizukuyeka ize ithole ibhodlela layo. Yilokho kuphela. Iyalikhalela.

<sup>86</sup> Manje, uNkulunkulu uncoma lendlela, futhi, kubantwana baKhe abayingane, ukukhala, amakholwa aKhe ukukhalela lokho abakufunayo. Kunjalo. Mkhalele, ngezidingo zakho.

<sup>87</sup> Manje, ungazilaleli izinkulumo zabanobuhlakani, omunye uthi, “Awu, manje ngiyakutshela, lombhaphathizo kaMoya oNgcwele abakhuluma ngawo, lokhu kuphulukisa ngokukaNkulunkulu, nalolohlobo lwezinto, awu, ngiyakutshela, akusikho okwe... akusikho, namuhla; Ngingakuchaza, ukuthi akusikho okwanamuhla.” Lalela, ingane yoqobo yangempela kaNkulunkulu ngeke yakunaka lokho.

<sup>88</sup> Izokhamuluka, iklabalase, futhi ikhahlele izithende zayo, ize ithole impendulo eqinisekisiwe ebuya kuleso sithembiso esivela eZwini likaNkulunkulu, ngoba, “Umuntu akaphili ngesinkwa sodwa, kodwa ngawo wonke amaZwi avela emlonyeni kaNkulunkulu, aphuma emlonyeni kaNkulunkulu.” Ikhala futhi ikhale kuze kuba leloZwi lesithembiso seliqinisekisiwe. Umntwana omncane kaNkulunkulu ophila ngeZwi likaNkulunkulu, akukho ndlela engcono ezweni yakhe. Yilokho kuphela. Uphila kulokho iNkosi ekushoyo ukuba aphile

ngakho, futhi uhlala lapho kuze kwenzeke; uyakhala, ukhahlela izithende zakhe, bese ahlale kukho nje.

<sup>89</sup> Abanye babo bathi, “O, awukwazi ukwemukela uMoya oNgwele, ayikho into enjalo.” Bazama ukusitshela lokho eminyakeni edlule, ukuthi yayingekho into enjengokukhuluma ngezilimi, nesiprofetho, nazo zonke lezi ziphiwo ezinkulu uNkulunkulu azethembisa ebandleni lokuqala, futhi wabanika zona. “Lezo zinsuku sezedlule.”

<sup>90</sup> Wena ucabanga ukuthi lokho kwamisa labo bantu abanenhliziyi elambile na? Babamba leliZwi, futhi bazi ukuthi iBhayibheli lathi U... “Isithembiso singesenu, nakubantwana benu, nakubo abakude, abaningi iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza.” Bahlala lapho ebusweni babo, futhi bakhala, futhi bancenga, futhi bakhahlela izithende zabo, futhi bamemeza kwaze kwaba uNkulunkulu wathululela uMoya oNgwele ofanayo, phezu kwabo, lokho Akwenza kubo ekuqaleni. Amen. Kuyini na? Yindlela kaNkulunkulu ehlinzekiwe. Kunjalo. Bakukholwa, futhi uNkulunkulu wabahlinzekela indlela. UPetru ubanika indlela ehlinzekiwe ngoSuku lwePentekoste.

<sup>91</sup> Abanye babo uthi, “Xhawula, ufafazwe, ngena ebandleni, *lokhu yiWo*, lokho yilokho.” UNkulunkulu uzokwahlulela ibandla, izwe, ngento ethile. Uma Ezokwahlulela ngebandla, kuzoba yiliphi ibandla na? Uma Ewahlulela ngebandla leKatolika, liphi ibandla leKatolika na? Uma Elahlulela ngamaRoma, i-Orthodox ibandla lomthetho lilahlekile. Futhi uma belahlulela nge-Orthodox ibandla lomthetho, i-Greek Orthodox ibandla lomthetho, khona-ke amanye alahlekile. Uma belehlulela ngeBaptisti, iMethodisti ilahlekile. Nge... Isizathu, awukwazi ukwengeza izwi elilodwa, noma ususe elilodwa kuLo. Niyabo? Ngakho, khumbulani, izwi elilodwa elikholwe ngokungesikho!

<sup>92</sup> Izwi elilodwa labangela bonke ubuhlungu benhliziyi, konke ukugula, konke ukufa, futhi ngisho nokufika kweNkosi uJesu ife ukusihlenga. U-Eva, wakholwa ngokungesikho, wadlinza nje noSathane, noma uSathane wadlinza naye. “Awu, *lokho*, ngobuqotho, uNkulunkulu ngeke akwenze.”

<sup>93</sup> Niyabo, lelo yibhizinisi likaLusifa namhlanje, uthi, “UNkulunkulu angeke asale. Singabantu abakhulu kakhulu. Simi amashumi ezinkulungwane, izigidi siqinile. Ucabanga ukuthi uNkulunkulu angasala na?” Yena, impela, Usevele ukwenzile. Lapho wenqaba iZwi laKhe, ungakolunye uhlangothi. Akusiye uNkulunkulu ekwala; wale uNkulunkulu. Yilapho okukhona. Niyabo? Niyabo?

<sup>94</sup> Ufanele uthathe iSinkwa sokuPhila. “Umuntu akayikuphila ngesinkwa sodwa, kepha nga...” Amazwi ambalwa, izwi njalo njalo na? “Ngawo onke amaZwi aphuma emlonyeni



kaNkulunkulu, umuntu uyakuphila ngaWo.” Futhi lo mBhalo ulotshwe nguMoya oNgcwele, kunjalo, futhi uMoya oNgcwele unguNkulunkulu. Futhi, yilowo nalowo, lo muntu “wahamba, u hol-, ngoMoya oNgcwele,” waloba leli Bhayibheli. Futhi ngiyakholwa ukuthi onke amaZwi aLo ngokuphelele ayiQiniso likaNkulunkulu, futhi angeke athintwa. Futhi siyohlulelwa ngaleNcwadi, ekupheleni kwe...kohambo lwempilo. Yebo, mnumzane.

<sup>95</sup> Angikholelwa ezinkulumweni zobuhlakani. Ngikholelwa eZwini qobo lwaLo, bese kuthi-ke ngihlale naleso sithembiso size sibonakaliswe futhi sigwaliseke, khona-ke ukutholile. Ini naze? “Umuntu akayikuphila ngesinkwa sodwa, kepha ngawo onke amaZwi aphuma emlonjeni kaNkulunkulu.”

<sup>96</sup> Ngangicabanga nje ngolunye usuku. IBhayibheli lasho, ukuthi, “Izono zaseSodoma zawuzwisa ubuhlungu umphefumulo kaLoti, nsuku zonke.” Ngacabanga nje, bangaki oLoti abakhona kule United States! Indoda ihlezi ekutadisheni kwayo, indoda elungile, ehlezi ekutadisheni kwawo, ebuka ngaphandle ewindini, futhi ebona lokho kuhhundula esitaladini, nokuqhubeka, indlela lapho. Abakwazi kusho lutho ngakho. Bayazi ukuthi akulungile. Abakwazi kusho lutho, isigamu selawo ibandl-...ya, amaphesenti angamashumi ayisishiyagalolunye ebandla lawo ayakugqoka. Abesifazane abaphungule izinwele, begqoke izikhindi, indoda ibhema osikilidi, ithatha iziphuzo zokuzithokozisa, bexoxa amahlanya angcolile! Azi kangcono kunokusho lokho. Uma ekwenza, ikomkhulu lehlelo lawo, bagovuzza into ethile enjengalokho, ayaxoshwa kulo. Niyabo, uLoti wesimodeni ongenaso isibindi esivamile, kungekho Qiniso lokomoya langempela phakathi kwabo, isihe esanele sokuma, ozokweqa isono, futhi angeke asibize.

<sup>97</sup> Nkulunkulu, siphe omunye u-Abrahama abazozehlukanisa kulezizinto. Kunjalo. O, osukwini esiphila kulo! Yebo, mnumzane.

<sup>98</sup> IZwi laKhe lihlala liyiQiniso, njalo liyiQiniso. Abantwana baKhe abakholwayo bayalikholelwa, futhi balikhalele, kuze kube iZwi laKhe liqinisekisiwe. Futhi iZwi laKhe lihlala njalo liyintando yaKhe. Uma ufuna ukwazi ukuthi iyini intando kaNkulunkulu, ithole eBhayibhelini. YiZwi likaNkulunkulu. Noma yini ephambene naLo, iphendukezelwe. Futhi ungangeni kuleso simo sokubhastela. Lokho uNkulunkulu akusho, lelo yiQiniso.

<sup>99</sup> Uma othile ekuthatha, futhi athi, “Manje, ngiza ebandleni, futhi ngiyakutshela, asikholelwa ekumukeleni umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Asikukholwa lokho. Sikholelwa ukuthi empeleni uya, kholwa, uma ukholwa, wemukela uMoya oNgcwele.”

<sup>100</sup> UPawulu wathi, eZenzweni isahluko 19, “Namamukela yini uMoya oNgcwele selokhu nakholwa na?” Niyabo? “Namamukela yini uMoya oNgcwele?”

“Awu, nawamukela kanjani uMoya oNgcwele na?” wena ushilo.

<sup>101</sup> UPetru washo, ngoSuku lwePentekoste, wathi, “Phendukani, yilowo nalowo, abhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono zenu, futhi niyakwamukeliswa isiphiwo sikaMoya oNgcwele.” Yilokho akusho. “Isithembiso ngesenu, nesabantwana benu.”

<sup>102</sup> Kunjengabantu befunda isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo ebhodleleni lomuthi futhi ungeke uwuthathe umuthi. Kusiza ngani ukufunda isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo na? Awu, baya le emakholi ezenkolo, futhi bafunde umlando webandla, nathi sifunda ukuziphatha kwebandla, futhi sifunde ukuthi iBhayibheli elikushoyo, nawo onke amagama esiGriki, futhi singakutshela ukuthi lisho ukuthini; kodwa lokho kusho nje lokho ibhodlela elikushoyo, lokho ukusetshenziswa kwawo okukushoyo. Nginganitshela lokho uPetru akusho ngoSuku lwePentekoste, nginganitshela ukuthi isithembiso singesenu, kodwa wena uthi, “Ngiyakukholwa loKho.” Ngingawukholwa lomuthi ohlezi lapha ngesifo ulungile, kodwa, ngize ngiwuthathe, ngifanele ngiwuthathe! Niyabo, u—ubuqotho bawo abunandaba. Wena uthi, “Ngikukholwa ngobuqotho lokho. Lelo yiqiniso.” Kodwa ufanele uwuthathe. Futhi uma uwuthatha, ubonisa imiphumela phezu kwesiguli. Futhi uma uthatha iZwi likaNkulunkulu, Libonisa imiphumela yoqobo kaMoya oNgcwele, ngokukholwa, iNzalo kaAbraham. Kwenza okuthile kuwe. Kuyakubamba. Kunyakazisa ukungakholwa kuphume kuwe, bese kubeka uthando lwakho ezintweni zaPhezulu.

<sup>103</sup> Lapho, uJesu wathi: “Uma Ngiphakanyiswa, Ngizodonsela bonke abantu kiMi.” Futhi UyiZwi. “Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayenoNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba yinyama futhi wakha phakathi kwethu.” Futhi iZwi lisenguNkulunkulu. Futhi uma iZwi liphakanyiswa, futhi wena uyaLemukela enhliziyweni yakho, Lizokudonsela kuNkulunkulu. Kunjalo, ngoba LinguNkulunkulu. Amen. O, ngiyaMthanda kanjani. IZwi lhlala njalo liyiQiniso. Yebo, mnumzane. Akukaze kube nendlela engcono kunendlela kaNkulunkulu ehlinzekiwe!

<sup>104</sup> Kwakukhona umprofethi, ngesinye isikhathi, ogama linguJobe. Wayedinga, wa—wayedinga induduzo ethile. Futhi yena . . . amalungu ebandla lakhe afika, futhi emlahla, futhi ethi, “Jobe, uyazi, u—u—u—awulungisene noNkulunkulu.” Futhi—futhi bamlahla. Kodwa wayesadinga umduduzi. Umkakhe

wayengeke amduduze ngisho. Wathi, “Jobe, ufanele uthuke uNkulunkulu, bese ufa ukufa.”

<sup>105</sup> Kodwa wathi, “Ukhuluma njengowesifazane oyisiwula.” Futhi uJobe wahlala nakho kwaze kwaba uNkulunkulu wamhlinzekela ngombono kaJesu Kristu. Manje niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

<sup>106</sup> Lathi, lapho umbono ufika, wathi, “Ngiyazi uMhlengi wami uyaphila, futhi ezinsukwini zokugcina Uyokuma phezu komhlaba. Futhi nakuba izibungu zesikhumba zibhubhisa lomzimba, nokho enyameni yami ngiyakumbona uNkulunkulu; engiyakumbona mina uqobo, amehlo ami ayakubheka, omunye.”

<sup>107</sup> Manje khumbulani, umbono ungukuthi, wabona uJesu. Futhi uJesu uyiZwi. Khona-ke ngenkathi uJobe edinga umduduzi, uNkulunkulu wamthumela umbono weZwi. Amen. Whewu!

<sup>108</sup> Yileyo induduzo engiyitholayo, ngukufunda iZwi, ngikholwa iZwi, lokho iZwi elikushoyo. UJesu wathi, “Makuthi wonke amazwi omuntu abe ngamanga, nawaMi abe iQiniso.” Angikhathali ukuthi omunye umuntu uthini. Ngi—ngiyakuhlonipha lokho abakushoyo. Kodwa uma sekuziwa ekukholweni, uma kuphambene neZwi likaNkulunkulu, angikukholwa. Angikholwa lutho ngaphandle kwalokho iZwi likaNkulunkulu elikushilo, ngoba, “Umuntu uyakuphila ngawo onke amaZwi aphuma emlonyeni kaNkulunkulu,” hhayi nje okuningi kangaka kweZwi. Wathi, “onke amaZwi,” lonke iBhayibheli nya. “Umuntu uyakuphila ngawo onke amaZwi aphuma emlonyeni kaNkulunkulu.” Manje, yileyo ndlela umuntu aphila ngayo. Leyo yindlela kaNkulunkulu ehlinzekiwe ukuba yena aphile ngayo.

<sup>109</sup> Futhi uJobe wayengumprofethi owayephila ngisho nangaphambi kokuba iBhayibheli lilotshwe. Futhi qaphelani, wayengumprofethi, futhi iZwi leNkosi liza kumprofethi. Futhi lapho wayefuna induduzo, akatholanga lutho. Waya ebandleni lakhe, futhi ibandla lakhe alibanga—alibanga nanduduzo kuye, kodwa ukusolwa kwakhe. Kodwa wahlala uNkulunkulu waze wamkhombisa iZwi, ngombono, khona-ke waduduzwa. Futhi wahlala ezinyaweni zakhe, nemibani yabanika nemidumo yaduma. Futhi wathi, “Nakuba izibungu zesikhumba zibhubhisa lomzimba, nokho enyameni yami ngiyakumbona uNkulunkulu. Wakhuluma nami. Makuthi ukufa noma noma yini enye kungishaye, akwenzi nokuncane ukwehluka, ngoba ngizombona uNkulunkulu. Ngabona umbono weZwi laKhe.”

<sup>110</sup> U-Israyeli, ngolunye usuku, babeseGibhithe, ezansi lapho ekuthunjweni. Futhi babedinga indlela, babedinga indlela yokuphuma eGibhithe. Futhi, qaphelani, sithola ukuthi indoda

eyaqeqeshwa, egama linguMose. Wayeqeshwa kuwo wonke amandla ezempi, wayezoba uFaro olandelayo, ezansi eGibhithe. Wayeqeqeshwe kuwo wonke amandla ezempi. Wayecabanga ukuthi ngelinye ilanga wayezokhulula abantu baKhe. Futhi uyaphuma, lendoda enamandla, enamandla ngezwi nangesenzo, uMose. Futhi wazama ngamandla akhe ezempi, kodwa kwakungeyona indlela kaNkulunkulu ehlinzekiwe. Wayeshoda ngento ethile.

<sup>111</sup> Kodwa ngolunye usuku ngenkathi wayekwingemuva logwadule, lokho ayeshoda ngakho, isihlahla esivuthayo sasinakho. Futhi uMose wabona umbono weZwi, lowo kwakunguNkulunkulu. Futhi ngenkathi enza, umbono wakhuluma iZwi. “Ngiyasikhumbula isithembiso saMi,” amen, “ku-Abrahama, u-Isaka, nakuJakobe. Futhi Ngiyakhumbula Ngabathembisa, futhi Ngehlile ukuzobakhulula.” Amen. O, he! Khona-ke, njengoba ngakhuluma ngobunye ubusuku eTabernakele, uMose waba yisiboshwa kuNkulunkulu.

<sup>112</sup> Ngaphandle uma uNkulunkulu engakuthola, isiboshwa! UPawulu waba yisiboshwa. Niyabo, awukwazi ukubheka lokho okucabangayo, awukwazi ukubuka lokho omunye umuntu akucabangayo. Ufanele uhambe nje lokho Athi kwenze. Uyisiboshwa.

<sup>113</sup> UPawulu wayazi ukuthi wayecindezelwe emoyeni ukuya endaweni ethile, lapho engafuni ukuya khona. Wazi ukuthi uMoya wamngqabela ukuba aye ezindaweni ezithile. Wayazi ukuthi kufanele athule ezikhathini eziningi.

<sup>114</sup> Lowo mbhuli omdadlana wamhubha ngelinye ilanga, empompoloza ngasemva kwakhe. Futhi uPawulu, enalowoMoya kaNkulunkulu, wayefuna ukuwukhuza, futhi usuku nosuku. Futhi ekugcineni wathola umlayezo, “Mkhuze,” futhi waphenduka. Wayengeke akwenze kuze kuba uNkulunkulu usesho njalo. Amen.

<sup>115</sup> O, uma ibandla belingaba kanje kuphela eBukhoni obukhazimulayo bukaNkulunkulu, ngelinye ilanga uNkulunkulu uzodedela aMandla aKhe kuLo, izinto ziyokwenzeka. Kodwa awukwazi ukuxuba indlela yakho odla ngayo; uzoba yibhastela. Hlala ngqo nalokho uNkulunkulu akushilo. Hlala ngqo eZwini, futhi uNkulunkulu uzoLiqinisekisa ukuthi liyiQiniso. Yebo, mnumzane.

<sup>116</sup> UNkulunkulu wahlinzekela u-Israyeli indlela. Wagcoba umprofethi, wathuma iNsika yoMlilo, futhi waqinisekisa iZwi umprofethi akhuluma ngalo, ngezibonakaliso, ngezibonakaliso zendalo. “Mose, hamba ulule induku yakho phezu kolwandle, iphume ibheke ngaseMpumalanga, bese uthi, ‘Makubekhona izimpukane.’” Futhi uMose, indoda eneZwi likaNkulunkulu, ekwazi ukuthi umuntu akakwazi ukudala, wajoja ipali lakhe ngaseMpumalanga, *kanjalo*, wayesethi, “Makubekhona

izimpukane kulo lonke iGibithe.” Futhi izimpukane, zadalwa, futhi zaba khona ngezwi lomuntu.

<sup>117</sup> UNkulunkulu usebenzisa umuntu ngethuluzi laKhe. Angakhuluma kuphela ngomuntu. “NginguMvini, nina ningamagatsha.” Kunjalo. Wathi. . .

<sup>118</sup> Kwakungekho maxoxo. Wathi, “Mose, phumela lapho bese uphakamise induku yakho, futhi ubize amaxoxo.” Lokho kwakungumyalo kaNkulunkulu kuye.

<sup>119</sup> Futhi uMose uthi, “Manje linda umzuzu, linda umzuzu, manje mhlawumbe izinsuku zalokho. . . Angikaze ngizwe ngento enjengaleyo. Kungcono ngithi ukuhamba kancane kancane”? Wayengenawo amahlelo awabobuhlakani ukuba amtshela afanele akwenze.

<sup>120</sup> Wayephila ngesithembiso sikaNkulunkulu. Wayeyisiboshwa endlini kaNkulunkulu. Wayengahamba kuphela futhi enze njengoba uMoya umvumela ukuba akwenze. Amen. Futhi waphakamisa induku, futhi wakhuluma, futhi amaxoxo abakhona. Impela.

<sup>121</sup> Bahlinzeka ngewundlu lapho befuna okuthile ngenxa yesono sabo. Indlela kaNkulunkulu ehlinzekiwe yenza iwundlu. Indlela kaNkulunkulu ehlinzekiwe yenza indlela ngaphesheya koLwandle oluBomvu ngenkathi babesesicuphweni. Indlela kaNkulunkulu ehlinzekiwe yabahlinzeka ngomprofethi, yabahlinzeka ngeNsika yoMlilo ukuba bayilandele, ukuqinisekiswa kweZwi, indoda efakazelwe nguNkulunkulu, ukuthi lokho ekushilo kwenzeke, wamkhombisa khona kanye okwakuyikho. Futhi nokho, ngenkathi bewela ulwandle, babefuna umthetho. Niyabo, lokho nje yizidalwa ezingabantu. Lokho nje indlela umuntu asebenza ngayo, ufuna ukujovela izindlela zakhe.

<sup>122</sup> O, indlela kaNkulunkulu ehlinzekiwe ihlala njalo iyindlela yokuthumela iZwi laKhe.

<sup>123</sup> Ukufa kwashaya iGibithe. Wayezobulala konke eGibithe. Manje khumbulani, lapho amathumba ayephihlika, lapho umlilo wawehla, futhi lapho kufika izimvula futhi kufika nesichotho, uNkulunkulu wahlinzeka ngendawo yabakhethiweyo baKhe ukuba bangangeni kulokho. Wayenendawo okuthiwa iGosheni. Manje kwakuza umoya wokufa ezweni. Futhi wonke umuntu, khumbula, ukufa yisona sizathu sifa. Futhi u-Israyeli wayedingeka abe nokuthile ukubavimbela ekufeni, noma ukufa kwakuyobashaya, nabo. Isizathu, inhla-, inhla-. . . inkokhelo yesono ukufa, futhi u-Israyeli wayonile. Futhi uNkulunkulu, ukuze bangafi, abantu baKhe ababezama ukuMlandela, Wahlinzeka ngewundlu, negazi phezu komnyango, elavikela amazibulo abo. Indlela kaNkulunkulu ehlinzekiwe. Ngenkathi, iGibithe yacabanga ukuthi yayingazivalela ngaphakathi, ngakosiyazi babo bezenkolo abakhulu nezinyanga mthakathi,

nanoma yini ababenayo, i... nengelosi yokufa yashanela ngqo phezu kwalokho, ngoba kwakungekho gazi.

<sup>124</sup> Futhi noma iyiphi inkolo namhlanje engenalo iGazi lokuPhila likaJesu Kristu emva kwayo, ingelosi yokufa iphezu kwayo; kunjalo, ingelosi yokufa, bahlukaniswa kuNkulunkulu. Yebo, ngempela, i-Ikabodi ibhalwe kukho konke okunci kwakho okungenalo iGazi.

Wena uthi, “Awu, ngiyajabula, iGazi!”

<sup>125</sup> Uma iGazi lingakasebenzi, uma lingakasebenzi futhi uyakubona empilweni yakho, njengomntwana ohlukaniselwe kaNkulunkulu, ngalokho uJesu athi kuyokwenzeka, khona-ke qaphela, ungahle ube nenye into ngaphandle kweGazi. Ungahle ube nokujovelwa okuncane kwesayense yezenkolo phakathi lapho, noma into ethize, ukujovela okuncane kwamadlingozi athile. Wena uthi, “Ngiqhaq hazelile. Nginyakazile. Ngisinile. Ngenze *lokhu*.” Qaphela.

<sup>126</sup> Uma umuthi uke ukushaye, ulungele sonke isidalwa esingumuntu. Uzosindisa esonweni. Uzohlanza, empilweni yesono. Uzokwenza umuntu owehlukile kuwe. Uzosusa ukungabaza, futhi uzokwenza isidalwa esisha kuKristu Jesu. Amen.

<sup>127</sup> Ukufa kwashaya iGibhithe. UNkulunkulu wahlukanisa ukukholwa ekungakholweni, ngalolo suku, nge—ngegazi phezu komnyango.

<sup>128</sup> UMose, inceku ethembekileyo eyalandela yonke imithetho kaNkulunkulu, ngenkathi efika endaweni ayezofa kuyo. Wayeseguga kakhulu, iminyaka eyikhulu namashumi amabili ubudala, wayefanele afe. Wayengenandawo yokuba afe. Wayengafuni ukufela ezansi lapho kanye nalabo bakhonondi nakho konke okunjalo. UNkulunkulu wamhlinzeka ngedwala. Amen. Waqala ukukhwela, waze waba ngaphezu kwakho konke ukungakholwa, futhi uNkulunkulu wayenedwala lilele lapho. Futhi wafela kulelo dwala, ebheke ezweni lesethembiso.

<sup>129</sup> Yileyo indawo. LeloDwala linguKristu Jesu, elikukhomba ezweni lesethembiso. Ugibela kuLo ngesinye isikhathi, futhi uyobona zonke izithembiso zikaNkulunkulu siyiqiniso. Ngokoqobo. Kunjalo. “Uma—uma nihlala kiMi, neZwi laMi likini, khona-ke celani enikuthandayo futhi niyakuphiwa khona.” Isizathu, UyiZwi. Livele lizibonakalise Lona uqobo ngawe, uma uhlala kuYe.

<sup>130</sup> Qaphelani, emva kokuba esefile, wayephezulu le ehlane, wayedinga abathwali bebhokisi. UNkulunkulu wahlinzeka ngeziNgelosi. Ngani na? Ngoba akukho muntu kulomhlaba owayengamthatha lapho ayeya khona. Kwakudingeka kuthathe umuntu othile ukumthwala amyise ngaLeya, futhi wathatha iziNgelosi naye eKhaya.

<sup>131</sup> U-Enoke wayedinga ilada, ngolunye usuku. Wayesehambe iminyaka engamakhulu amahlanu noNkulunkulu, futhi wayeMthokozisile. Wayedinga ilada. UNkulunkulu wamhlinzeka ngomgwaqo omkhulu, wahamba wenyukela ngqo eKhaya.

<sup>132</sup> U-Eliya wayedinga intambo, ngesinye isikhathi, futhi uNkulunkulu wamnika inqola enamahhashi kuyo. O, he!

<sup>133</sup> USamsoni wayedinga umkhonto, futhi uNkulunkulu umnika umhlathi womnyuzi wasendle, futhi washaya walahla phansi amaFilisti ayinkulungwane.

UNkulunkulu uhlinzeka izidingo zakho. UNkulunkulu unendlela.

<sup>134</sup> Kungathiwani ukuba uSam—kungathiwani ukuba uSamsoni wathi, “Manje awulinde umzuzu. Lo mhlathi awubukhali. Awusiwo umkhonto. Buka labo makalabha abakhulu abawugqinsi kulawo maFilisti?” Wavela wathatha indlela kaNkulunkulu ehlinzekiwe, futhi washa kubo ngqo.

<sup>135</sup> Yilokho kuphela okudingayo, ukuthi uthathe lokho uNkulunkulu akushoyo. Futhi uhambe ushaya ngakho, kanzima nje ngangongakwenza, uzozithola ukhululekile ngemva kwesikhashana. Yebo, mnumzane. Yebo.

<sup>136</sup> UJoshuwa wayedinga ibhuloho. UNkulunkulu wahlinzeka nga—ngamandla, isango lezikhukhula, isango lezikhukhula lokomoya elahlehlisa iJordani, ukuze akwazi ukuqhubeka futhi agcwalise iZwi likaNkulunkulu, isithembiso. Wayedinga ibhuloho.

<sup>137</sup> UDaniyeli wayedinga ucingo, ukuba agcine izingonyama ziqhelile kuye. UNkulunkulu umnika iNgelosi. Niyabo, leyo yindlela kaNkulunkulu ehlinzekiwe. Okwakudingeka, uNkulunkulu wakuhlinzekela, futhi uNkulunkulu wakuhlinzeka ngendlela engeyaKhe uQobo.

<sup>138</sup> Manje kungathiwani ukuba uDaniyeli wayengathi, “Manje awulinde umzuzu. Ngingacabanga ngendlela engcono kunaleyoNsika yoMlilo emi lapha ngaphambi kwami manje. Ukuthi, leyo ngonyama, ingahle ingabi namandla kuye. Angahle eze ngqo ngaleyoNsika yoMlilo. Uma Uzongitholela ucingo lokubiya olukhulu futhi ungibiyele ngaphakathi?” Niyabo, lokho bekuyoba uDaniyeli ezama ukwenza okuthile.

<sup>139</sup> Kodwa nje wamukela indlela kaNkulunkulu ehlinzekiwe, walala phansi waya kolala, futhi walala ubusuku bonke, ngokuthula nje. UNkulunkulu wahlinzeka indlela. Yebo, mnumzane. O, he!

<sup>140</sup> Abantwana bamaHeberu babedinga amanzi, ipayipi lamanzi lokucima umlilo phansi lapho, ukucima wonke lowo mlilo ngenkathi sebexumele phakathi lapho. Kodwa uNkulunkulu

wabahlinzeka ngeNdoda yesine. Yebo, mnumzane. Yilokho kuphela ababekudinga.

<sup>141</sup> Kuthiwani uma ngithi, “Manje awulinde umzuzu, omunye umuntu nje ukuba angene lapho, lokho ngeke kusize. Sifanele sibe nepayipi lamanzi lokucima umlilo ukucima konke lokhu?”

<sup>142</sup> Bamukela indlela kaNkulunkulu ehlinzekiwe, futhi Wavimbela umlilo kubo. Kwakungekho ngisho nephunga lomlilo kubo. Bahamba ngendlela kaNkulunkulu ehlinzekiwe.

<sup>143</sup> Izazi zazidinga inkombandlela ukuba iziholele eNganeni esanda kuzalwa, kodwa uNkulunkulu wahlinzeka iNkanyezi. Niyabo? Bathatha iNkanyezi. Yilokho kuphela ababekudinga.

Izwe lalidinga uMsindisi. UNkulunkulu wahlinzeka iNdodana. Amen.

<sup>144</sup> Ibandla lalidinga amandla. UNkulunkulu wahlinzeka uMoya oNgcwele. Akazange ahlinzeke ngencwadi yokuziphatha. Akazange ahlinzeke uhulumeni wamaKristu. Wahlinzeka uMoya oNgcwele. Yilokho uNkulunkulu akuhlinzeka. Akazange athi, “Khuphukelani lapho futhi nitadishe eJerusalema phezulu lapho, ngize ngithole inani elingaka lemfundo kini, ngize nginifundise incwadi, futhi *ukuthi-nokuthi*.” Wathi, “Lindani nize nigcwaliswe ngaMandla avela Phezulu. Emva kokuba uMoya oNgcwele usufikile phezu kwenu, khona-ke niyakuba ofakazi baMi eJerusalema, eSamariya, eChicago, eIllinois, njalonzalo, niyabo, lonke izwe.” Lowo ufakazi ohlinzekwe nguNkulunkulu, nguMoya oNgcwele. UNkulunkulu akazange ahlinzeke incwadi yokuziphatha. Akazange ahlinzeke ihlelo.

Bathi, “Sifuna ukuba amaKristu agcwele.”

<sup>145</sup> “Awu, manje linda uze ufunde isikhathi eside kangaka, linda uze ufunde izivumokholo?” Akazange athi funda noma yini. Wathi, “Linda uze ugcwaliswe.” Amen.

<sup>146</sup> Omunye washo ngolunye usuku, wathi, “Kungani, Mnu Branham, awukholelwa emahlelweni na?”

<sup>147</sup> Ngathi, “Angimelene ngalutho nabantu abakuwo, kodwa ngokuqinisekile angikholelwa ezinqubweni zawo.”

Wathi, “Awu, ngani? Singakhokha kanjani na? Sizokwenzenjani na?”

Ngathi, “Leyo kwakungeyona indlela kaNkulunkulu ehlinzekiwe ekuqaleni.”

Wathi, “Usonta kuliphi ihlelo na?”

Ngathi, “Alikho.”

Wathi, “Usonta kuphi na?”

Ngathi, “UMbuso.”

Wathi, “Ungena kanjani Lapho na?”

Ngathi, “Uzalelwa kuWo.” Amen.



148 Wena uzalelwa eMbusweni kaNkulunkulu. Kanjani na? NgoMoya oNgcwele. Lowo ngufakazi kaNkulunkulu. Unikeza ubufakazi ngeZwi likaNkulunkulu, ukuthi sedlulile ekufeni sangena ekuPhileni, ngoba siseMbusweni kaNkulunkulu. Ukuthi uNkulunkulu...

149 UNkulunkulu wayedinga umholi weBandla. Akamfundisanga umbhishobhi, kanjalo Akamthumanga umpristi omkhulu noma upapa, noma akekho omunye. Kodwa Wathumela uMoya oNgcwele. Umuntu uyafa, futhi izinqubo zabo ziyafa, nakho konke okunye. Kodwa uMoya oNgcwele unguNkulunkulu oPhakade, futhi Angeke afe. Ubanika uMholi waPhakade, futhi lowo nguMoya oNgcwele. Babedinga okuthile ukuba kubahole, ukuba kubatshele ukuthi benzeni, baphile kanjani, bahlangabezane kanjani nomphakathi, bahlangabezane kanjani nelangabi losuku, balwe kanjani nokugula, balwe kanjani *nalokhu*, balwe kanjani nesono. Umuntu udonse zonke izinhlobo zezindlela zokujoyina *lokhu*, nezivumokholo *zalokhu*, nemibhalo *yalokhu*, nemibhaphathizo *yalokhu*, nalo lonke uhlobo wamadlingozi, nokuqhaq hazela okuncane nemizwa exakile, nakho konke okunye. Kodwa kusalokhu kumile, uMoya oNgcwele uyindlela kaNkulunkulu ehlinzekiwe yeBandla laKhe. Amen.

150 Futhi uMoya oNgcwele unguNkulunkulu, futhi uNkulunkulu uyiZwi. UMoya oNgcwele uyileliZwi eliqinisekisiwe ngokugcwele. UMoya oNgcwele yiyonanto eletha leliZwi elithenjisiwe ekuphileni.

151 Wena uthi, “Ngike ngaba nomuzwa.” Uma ungaliqinisekisi leliZwi, khohlwa yilowo muzwa. Yebo, mnumzane.

152 Wena uthi, “Awu, ngenze *lokhu*. Ngenze *lokho*. Futhi ngibhaphathizwe ngale ndlela, ngaleyo ndlela.”

153 Angikhathali ukuthi wenziwe ini. Uma uMoya oNgcwele uphezu kwakho, leliZwi liqinisekiswa ngawe. Ngoba, uJesu wathi, “Lezi zibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo; kulo lonke izwe, naso sonke isidalwa.” Amen. Indlela kaNkulunkulu ehlinzekiwe!

154 Iminyaka eyizinkulungwane ezimbili! Lokho kwahamba kahle cishe iminyaka engamakhulu amathathu, khona-ke baba nomhlangano womkhandlu ngesinye isikhathi, eNayisiya, eRoma, futhi babefuna ukujovela okuthile. Khona-ke emva kukaMartin Luther, enye ingelosi kaNkulunkulu yaletha umlayezo, khona-ke baba nokunye ukujovela. Futhi emva kukaJohn Wesley, baba nokunye ukujovelwa. Futhi bavele nje nokunye nokunye, umhlangano womkhandlu, baze bafika kulendawo, kwaze kwaba amabandla asebe yibhastela ngokuziphatha kwemfundiso yomuntu, futhi kukhona ukuhlubuka okukhulu manje.

155 Ibandla lidinga isibonakaliso sangokomBhalo, iQiniso, kulolu izinsuku zokugcina. Lidinga okuthile.

156 Buka amahlelo ahlukene, ukusonta; njengoba sesivala manje, ngaphambi kokuba sibe nomugqa wokukhuleka. Buka ekusontweni komBhalo. Cabanga ngamabandla ethu ahlukene. Cabanga ngezindlela zethu zePentecostal. Cabanga ngeBaptisti lethu, iPresbyterian yethu, iLuthela lethu, ngisho nakuma Independent ethu, noma yini enye. Umfo akazi ukuthi ame kuphi.

157 Ibandla lidinga, namuhla, ukuqinisekiwa komBhalo. Wathini uJesu kuJohane oNgcwele, isahluko 14 nevesi 12 na? “Okholwa yiMi, imisebenzi eNgiyenzayo naye uyakuzenza. Zona kanye izinto eNgizenzayo naye uyakuzenza.” Qaphelani, Wathembisa, “Njengoba kwakunjalo ezinsukwini zikaJona, umprofethi, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu.” Niyabo? Wathi, “Njengalokhu uJona wayesesiswini somkhomo, izinsuku ezintathu nobusuku, futhi wavuswa njengowavuka ekufeni, lokho kuzoba uphawu esizukulwaneni esibi nesiphingayo.”

158 Manje, siphila ezinsukwini zokugcina, ngesibonakaliso esithenjisiwe sovuko. Emva kweminyaka eyizinkulungwane ezimbili zokubhala incwadi nokusuka emgwaqeni, *nale* ndlela, *naleyo* ndlela, abantu baze bengazi ukuthi benzeni. Kodwa uJesu wabathshela, futhi wabathembisa, “Njengoba kwakunjalo ezinsukwini zikaLoti neSodoma, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu.”

159 Kuqhathanise namuhla. Thatha uGenesisise 6, futhi ubheke lokho Akusho; kanjani ukuthi “indoda eyaziwayo,” kanjani ukuthi “abesifazane bayoba bahle kanjani.” Sineqembu labesifazane elihle kunabo bonke abake babakhona emhlabeni, kusukela ngaleso sikhathi. Abesifazane bahle kakhudlwana kunanjengoba babenjalo eminyakeni edlule. Banezinto eziningi kakhulu ezehlukene ukubenza babe bahle. Opende abaningi abehlukahlukene nophawuda nokulungiswa nokwenziwa kwezindlela nakho konke, nezimpahla zokugqoka ezingenasimilo nezinto, baze bazenze bakhange.

160 Indoda iza kimi izolo, yathi, “Nginomfana, ishumi nesithupha, Mfowethu Branham. Nginomfana, ishumi nambili. Ngibayisa estaladini, laba bahhunduli abancane phandle lapha.” Wathi, “Abafana, bangabesilisa abasebancane,” wathi, “ngingabats shelani na?”

161 Ngathi, “Mnumzane, angazi. Bayise kuKristu, futhi ubavumele basindiswe futhi bagcwaliswe ngoMoya oNgcwele, futhi bazophendula amakhanda abo kulabo bahhunduli besimodeni.”

162 Khumbula, lapho amadodana kaNkulunkulu ebuka amadodakazi omuntu futhi abona ukuthi mahle, azithathela

kuwo abafazi, thatha kuwo abafazi. Bukani ngapha kulelhlazo elikhulu eNgilandi, bukani ngase-United States, bukani lamantombazane abizwayo kwi-UN, konke okunye, o, kuyesabeka nje. Futhi yilokho kuphela, indoda “edumile.” Siphindele ngqo kulelo hora, amalambu abomvu ayabanika kuyo yonke indawo, ukufika kwe—kweNkosi. Futhi uJesu wathi, “Njengoba kwakunjalo ngaphambi kokuba iSodoma lishiswe, kuyoba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu.” [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Kunjalo.

<sup>163</sup> Abesifazane baba kakhulu, abaqondi ukuthi benzani; umoya omubi phezu kwabo. Owesifazane angazikhumulelani izingubo zakhe kanjalo, ukuba aziveze na? Akaqondile ukuba abe mubi, bona—bona, babanjwe nje kulologibe, futhi abakwazi. Niyabo, njengoba kwakunjalo emuva lapho ngaleso sikhathi. Inyama yowesifazane iboniswa yonke indawo, niyabo, bakhanga kakhulu, basanganisa amadodana kaNkulunkulu, cishe impela, bese kuthi-ke umthetho waseSodoma neGomora ukumvikela kukho. Ihlazo elinje pho, nohulumeni wethu umela izinto ezifana naleyo!

<sup>164</sup> Ngifisa sengathi bengingaba umbusi okwesikhashana, noma ngibe nalesi sizwe. Ngike ngimbambe owesifazane oqoke kanjalo, ubeyoya ejele labesifazane ngodilika jele. Ubengeke asakwazi... Ya. [Ibandla lishaya ihlombe.—Umhl.] Uma ngibamba owesifazane nowesilisa benjalo, ...? ... [Ibandla lishaya ihlombe.] Uma owesifazane nowesilisa babanjwa bephila kanjalo, bobabili bebeyoba ngabangazali, yilokho kuphela okukukho; futhi kwenziwa khona ngqo phandle emphakathini, ngodokotela. Yebo, mnumzane. Besiyobeka... .

<sup>165</sup> Inhlawulo ingendala kancane nje... Uyini umthetho ngaphandle kwenhlawulo na? Inhlawulo yomthetho kaNkulunkulu ukufa. Isono ukufa. Kunjalo. Sidinga umthetho oqinile. Thina... O, he! Kodwa lokho esinakho manje, isigejane sezombusazwe, ungayendeziswa nganoma yiyiphi indlela oyifunayo. Yonke into iyonakala.

<sup>166</sup> Phuthuma, bandla, ubuyele eZwini likaNkulunkulu ophilayo! Phila kuphela ngaLelo, futhi Lelo lodwa, ngoba yiLelo abantu bakaNkulunkulu abafanele baphile ngalo.

<sup>167</sup> UNkulunkulu wathembisa lelibandla isibonakaliso sangokomBhalo. Wathi uvuko luzophindwa luvezwe, uJesu Kristu neBandla laKhe bayoba njalo bayoba munye, ezinsukwini zokugcina. Wakwethembisa. Manje siyazi ukuthi kuyiqiniso.

<sup>168</sup> Manje, Wathembisa nokuthi kuyoba nokubuyiselwa koKholo. Sifunda ngale kuJuda, okwathi kuJuda, “Niqinise nikulwele ukuKholwa asebekunikiwe abangewe.” Manje sethenjisiwe, kuMalaki 4, ngenqubo efanayo Ayehlala njalo eyenza, ukuthi siyobuyiselwa emuva oKholweni lwasekuqaleni.

O, o, he! Buyelani eMbewini yasekuqaleni, nibuyele eMbewini njengoba iqala ngoSuku lwePentekoste, nibuyele eMfundisweni efanayo, iZwi ngeZwi, amandla ngamandla, uMoya ngoMo- . . . into efanayo, khona kanye nje njengoba kwakunjalo emuva ekuqaleni, ngezibonakaliso nezimanga zoBukhona obuphilayo bukaJesu Kristu. Emva kweminyaka eyizinkulungwane ezimbili, Usaphila. Futhi Unguye izolo, namuhla, naphakade.

<sup>169</sup> Ngatshela uBilly, “Emizuzwini engamashumi amathathu, jikijela into ethize kimi, ngizoyeka ukushumayela.” Manje sengivele ngiseqile leso sikhathi. Qaphelani, ngithola nje. . .

<sup>170</sup> Ngiyazi ngin- . . . asinaso isikhathi esiningi kakhulu, ihora selilapha.

<sup>171</sup> Bangani, ningezi nje emhlanganweni, nithi, “Awu, ngiwujabulele ngempela. Bewushisa kancane, kodwa ngiwujabulelile.” Ningakwenzi lokho.

<sup>172</sup> Yibani oqotho. Ngenani kuwo. Yenzani ukuvuma. Zihlanzeni. Uma kunokungabaza okuncane nokuxakaniseka enhliziyweni yakho, ungezi ngisho emgqeni womkhuleko. Qhabo, mnumzane. Ngifuna ukuhlanzeka. Ukuvuma kwethu kuyindlela yokuzungeleza.

<sup>173</sup> Nganginowesifazane kwingxoxiswano lapha, emavikini ambalwa adlule. Futhi wathi. . . Ngitholile phakathi lapho ayenengane khona, ingeyenye indoda. Futhi wayehlale nabafana ababili, futhi wayethathe lomfana oyedwa futhi wamshada ngoba wayemthanda kangcono, futhi wathi ingane yayingeyakhe. Futhi wayazi sonke isikhathi ukuthi yayingeyomunye umuntu.

Futhi wathi, “Ngakuvuma lokho.”

<sup>174</sup> Ngathi, “Ya, nansi indlela owakusho ngayo. ‘O Deary, O Deary, kungathiwani ukuba ubucabange into ethile, O Deary na? Uyazi, uJohn omdala, mfana omdala, mfana omdala, kungathiwani—ni ukuba ngikutshela ukuthi lengane ingeyomunye umuntu na? He-he, ubungeke ukukholwe, ubungakukholwa na?’ ‘Qhabo.’ ‘Awu, kungathiwani uma kwenzeka na? O, uthi, John, siyaphuma kulobubusuku ukuba sibe namahembhega?’” Lokho akusikho ukuvuma. Guqa ngamadolo akho!

<sup>175</sup> Yileyo ndlela abantu abeza ngayo kuNkulunkulu. “O Nkosi, Ulunge kakhulu, Ungivumele nje ngenze noma yini engiyifunayo.” Ungakukholwa lokho. UNkulunkulu unomthetho ophila ngawo. Uze uhlanze, futhi ugeze, futhi uvume, futhi ukholwe ngayo yonke inhliziyi yakho, futhi ubuyele eZwini likaNkulunkulu, namanje usenecala. Ngeke ukwenze lokho.

<sup>176</sup> Ufanele udabule into phansi. Abantu bafanele baze, ngokuhlonipha uNkulunkulu, ngobuqotho, beguqe ngamadolo

abo futhi bahlale lapho ize imiphumela yenzeke, vumele lawo mandla kaMoya oNgcwele othando lukaNkulunkulu ajovele enhliziyweni yakho futhi akwenze uvume zonke izono zakho nakho konke ukungakholwa kwakho, futhi wamukele uJesu Kristu.

UNkulunkulu uthumele konke Abengakuthumela.

<sup>177</sup> Qaphelani ukuthi Wakufakazisa kanjani esikhathi sokuqala, njengoba uMfowethu Vayle wayesho esikhashaneni esedlule. Niyabo? Babazi kanjani ukuthi WayenguMesiya ngenkathi Ebone owesifazane emthonjeni na? Wamtshela okwakungalungile ngaye. Ngokushesha, lowo wesifazane ekuleso simo esisabekayo, ehlala namadoda ayisithupha. Wathi, “Ube nayisihlanu, futhi le ohlala nayo manje ayisiyo indoda yakho.” Amadoda ayisithupha, indoda eyisithupha ohideni, ayegijima nayo, ekuleso simo.

<sup>178</sup> Kodwa ngenkathi esetsheliwe, wabona leloZwi likaNkulunkulu, libukhali kunenkemba esika nhlangothi zombili, lahlulela imicabango yenhliziyo, wathi, “Mnumzane, Ufanele ukuba umprofethi.” Manje, iZwi leNkosi liza kumprofethi, niyabo, ukwambula lezi zinto. Wathi, “Ufanele ukuba umprofethi. Besingenabo abaprofethi amakhulu eminyaka. Kodwa,” wathi, “Ufanele ukuba umprofethi. Manje siyazi ukuthi sibheke uMesiya, futhi, lapho uMesiya efika, yilokho Azokwenza.”

UJesu wathi, “NgiNguye.”

<sup>179</sup> Futhi abantu bomuzi, balowo muzi wonke waseSikari, onke amadoda akholwa nguJesu Kristu. Akadingekanga ukuthi aphinde akwenze futhi. Wakwenza ngaleso sikhathi, futhi onke amadoda aMkholwa ngoba owesifazane washo njalo. Ubufakazi bakhe, wayeguqulwe kanjalo, behluleka ukuzibamba ekukukholweni. O, sinike amadoda nabesifazane abanobufakazi obuphathekayo, lokho kuzoletha indoda ekuphendukeni futhi. Bakholelwa eNkosini uJesu Kristu.

Manje, ngaleso sibonakaliso, Wafakazisa ukuthi WayenguMesiya.

<sup>180</sup> Nkulunkulu, ngisize, ngesibonakaliso esifanayo, ngoMoya waKhe, ukufakazisa ukuthi Yena usenguMesiya. Amen. Siyakuphila kuphela ngeZwi likaNkulunkulu. Isithembiso saKhe singukuthi Uzokwenza.

<sup>181</sup> Manje yemukela indlela kaNkulunkulu ehlinzekiwe esikhathini sokuphela. Uma ugula kulobubusuku, uNkulunkulu unendlela ehlinzekiwe. UJesu Kristu uyindlela ehlinzekiwe. Uma unesono, kulobubusuku, ongakholwa, awukwazi ukuphila kahle, ungabonakali uthola ukuhlala phansi; UJesu Kristu uyindlela kaNkulunkulu ehlinzekiwe. Kholwani nje Yena. Unguye izolo, namuhla, naphakade. Khona-ke Yena, kuMoya oNgcwele... Okungukuthi Unguye, uMoya oNgcwele nguJesu

ku (Kristu) esimeni soMoya. “Kuseyisikhashana izwe lingabe lisaNgibona, kepha nokho niyakuNgibona, ngokuba *Ngiyoba* nani, nakini. . .” UMoya oNgcwele: UKristu eWubiza ngokuthi *Ngi*. Niyabo? UKristu, uNkulunkulu, uMoya oNgcwele kuYe, wawuzoba seBandleni laKhe, “. . .kuze kube sekupheleni kwezwe.” IZwi likaNkulunkulu. “Nemisebenzi eNgiyenzayo nani niyakuyenza. Isikhashana nezwe lingabe lisaNgibona, kepha niyoNgibona nina, ngokuba ngiyakuba kini. Okholwa yiMi, imisebenzi eNgiyenzayo naye uyakuyenza. Kini, kuze kube sekupheleni kwezwe.” UNkulunkulu unendlela ehlinzekiweyo ngabantwana baKhe abakholwayo. UJesu Kristu uyileyo ndlela, onguye izolo, namuhla, naphakade.

Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje.

<sup>182</sup> Nisakhothamise amakhanda enu, niyakholwa ukuthi Uyindlela na? Ngabe bakhona abanye lapha ongathanda ukukholwa yilokho, futhi ongakaze akwamukele namanje na? Mngane, ungasiphakamisa isandla sakho, ubeqotho kanjalo lapha kulenkundla endala, kulobubusuku, futhi uthi, “Mfowethu Branham, ngikhulekele. Angifuni, a—a—angifuni ukhlangana noNkulunkulu ngalendlela?” Futhi khumbula. . .

<sup>183</sup> Sangenelela engxoxweni, ngiphakamisa ucingo endaweni ethile, ngolunye usuku. Futhi owesifazane wayesanda kungena, futhi indoda yayimshayela ibuyisa ucingo, eyayiphume naye, futhi lo wesifazane ufanele ukuba ngumKristu. Futhi wathi, “Ngabe umyeni wakho usalele na?” “Ya.” Wathi, “Uma eke wathola, si. . .” Wathi, “Akwenzi mehluko kimi,” futhi ingane encane ikhala.

<sup>184</sup> Niyaqonda na? Ningaqonda na? Leli eliphingayo, elingcolile, izwe elingcolile, lisekupheleni. UNkulunkulu uzo. . .

<sup>185</sup> Angeke kube nesakhiwo esisodwa esihlezi ngakwesinye, eChicago ngolunye lwalezizinsuku, noma ndawo. UNkulunkulu ulungiselela ukunisa lolophawu lwesithupha phezu komhlaba, aphule lolo phawu futhi athukulule lolo laka lukaNkulunkulu phezu komhlaba. Kodwa ngaphambi kokuba Enze lokho, iBandla liyobe selihambile. UMlobokazi uzobe esehambile; ibandla lingeke, lizodlula ekuhlushweni, kodwa uMlobokazi uzobe esehambile. Umkakhe omncane ngeke adlule kulokho.

<sup>186</sup> Awufuni ukuba ngomunye walawo malungu aKhe, kulobubusuku na? Uma ufuna, futhi ufuna ukukhunjulwa emkhulekweni, nekhanda lakho likhotheme, phakamisa isandla sakho. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise, nawe, nawe.

<sup>187</sup> Baba wethu waseZulwini, wonke amazwi ebengingawasho, abengeke asho lutho ekuqhathanisweni neZwi elilodwa Obuyolisho. Ngiyindlela nje icaphuna lokho Owakusho. Ngikhulekela laba abaphakamise izandla zabo. Nkulunkulu, siphe khona.

<sup>188</sup> Lowo mbono omkhulu, kulokhukusa, ungidwengulile, Nkosi. Ngisadwenguliwe. Futhi ngiyakhuleka ukuthi—ukuthi Uzongisiza, ungithulise, Nkosi. Nginokwethuka, futhi ngicela ukuthi—ukuthi Uzongisiza.

<sup>189</sup> Uma kubakhona laba abaphakamise izandla zabo kulobubusuku, baphambukele esakhiweni lapha, ngezindlela ezithile, makuthi uMoya oNgcwele omkhulu ukhulume kubo manje, futhi kwangathi bangafika ngobumnandi kuWe. Ngiyazi isiko lingukuthi, Nkosi, bizela abantu ngase-altare. Sikholwa ukuthi lokho kulungile. Kodwa ngokomBhalo, bathi, “Abaningi abakholwa, babhaphathizwa.”

<sup>190</sup> Futhi ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi laba bantu bazogijimela umbhaphathizo wamaKristu, bekhola kuWe, futhi bevuma izono zabo, nokwamukela uJesu Kristu neGazi laKhe ngokuthethelelwa kwabo, bese-ke besukuma futhi babhaphathizwe, bebiza iGama leNkosi, behlanza izono zabo. Futhi khona-ke kwangathi bangagcwaliswa ngoMoya oNgcwele wesithembiso saKhe, bananyekwe ngophawu, leyoMpilo eguqula imvelo yabo yonke, ubanika ithemba elisha, ubenze babheke phambili; baba yisiboshwa, kunoma yisiphi isifiso, noma yiyiphi intshisekelo.

<sup>191</sup> NjengoPawulu oNgcwele omkhulu, wayefuna ukuba ngurabi. Wayefuna ukuba indoda enkulu. Waziqeqesha. Uyise nonina bamqeqesha ukuba abe njalo. Futhi emuva lapho kwingemuva lalolo gwadule, emva kokuhlangana naleyoNsika yoMlilo ngalolo suku, eyamtshela ukuthi, “Kunzima kuwe ukukhahlela ameva.” Yabiza igama lakhe, “Sawulu, Sawulu!” INsika yoMlilo yayingalibiza kanjani igama lakhe na? Kodwa Wathi, “NginguJesu.” Futhi wayazi ukuthi yilokho uJesu akwenza ngenkathi Wayesemhlabeni. Wayazi ukuthi iNsika yoMlilo yayinguKristu owahola abantu bakhe baphuma eGibhithe, badabula ehlane, futhi wayazi ukuthi Leyo yayisengecotshiweyo.

<sup>192</sup> Futhi, Nkosi, siyazi ukuthi Usenguye namhlanje. Ngikhulekela ngamunye. Banike ukuthula ezinhliziyweni zabo, Nkosi. Ngcwelisa lelibandla elincane, futhi kwangathi bonke abaxhumene nalo, nazo zonke izihambi emasangweni ethu, ngenxa kaJesu siyakucela.

<sup>193</sup> Futhi-ke, Baba, ngiyakhuleka futhi ukuthi Uzophulukisa abagulayo. Qinisekisa lokho engikushilo, ukuthi kuyiqiniso. Isikhathi sami sesiyaphela, Nkosi, sengiyaguga, futhi ngiyakhuleka ukuthi Uzongisiza ukuze ngizuze yonke imiphfumulo engingakwazi. Futhi, Nkulunkulu, vumela abantu babone, kulobubusuku, ukuthi uma uMninimandla onke qobo lwaKhe ehlela phakathi kwethu futhi efakazisa ukuthi Unguye izolo, namuhla, naphakade, kwangathi abantu bangabona lokho, “Umuntu akayikuphila ngesinkwa sodwa,

kepha ngawo onke amaZwi aphuma emlonyeni kaNkulunkulu.” Siphe khona, Nkosi. Futhi bengazibhasteli bona uqobo ngezifo ezithathelanayo ezinkulu ezithile ze—zegciwane lesifo esiletha ukungakholwa enhliziyweni yabo, kodwa kwangathi lesi sifo esithelelanayo sikhishwe ngamandla kaMoya; kanye nembewana yokuPhila okuPhakade lingahle liphile kubo, ukuthi bangahle bakhulele emumweni ogcwele kaJesu Kristu, ukuthi, kulolu suku lokugcina, ukuthi Yena nomkaKhe bebeyoba munye. Siphe khona, Nkosi. Ngicela eGameni likaJesu. Amen.

<sup>194</sup> Manje kholwani, nina bantu ophakamise isandla sakho. Uma ukholwa eNkosini uJesu Kristu, futhi uMamukele njengoMsindisi wakho, futhi uMkholwe, ukuthi iGazi laKhe, futhi lokho kuphela, lihlawulele isono sakho, khona-ke ngifuna nibone abanye balaba befundisi lapha, ngombhaphathizo ngendlela efanele. Bazokutshela okufanele ukwenze kusukela lapho.

<sup>195</sup> Manje kulabo abagulayo nabahluphekile, labo abanamakhadi omkhuleko, asiqale kwelokuqala, futhi siqale futhi sithole ambalwa awo lapha, ngithi cishe elokuqala kuya eshumini nanhlanu. Ngileyithi cishe ngeshumi nanhlanu, imizuzu engamashumi amabili. Kufanele ngabe sengiphumile, ishumi nanhlanu, imizuzu engamashumi amabili edlule.

<sup>196</sup> Elokuqala, ubani onalo, ikhadi lomkhuleko lokuqala na? Phakamisa isandla sakho, noma ubani onekhadi lomkhuleko lokuqala. [UMfowethu Lee Vayle uthi, “Bekungangcono bame, mfowethu, bame?”—Umhl.] Sukumani, noma ubani onekhadi lomkhuleko lokuqala. Uma ungakwazi, sukuma. Asikwazi ukubona kahle kakhulu lapha, isimo sokukhanya asisihle. Ikhadi lomkhuleko lokuqala, elesibili, elesithathu, elesine, elesihlanu, elesithupha, elesikhombisa, elesishiyagalombili.

<sup>197</sup> Owethu us-...inenekazi lapha, ngenkathi usathola-... Elokuqala kuya kwishumi nanhlanu, sukuma manje, ngenkathi thina sonke sikhothamisa amakhanda ethu. Woza ngqo ngalapha, woza ngqo ngalapha, elokuqala kuya eshumini nanhlanu, ngenkathi sisakhothamisa amakhanda ethu futhi sikhulekele lelinenekazi, okungukuthi liyagula ngapha. UNkk Way unalo lapha, manje, ngenkathi sisalikhulekela futhi. Kushisa kabi kabi lapha, kulobubusuku, umjuluko uyamfoma ezicathulweni zami.

Asikhuleke manje, sonke namakhanda ethu phansi.

<sup>198</sup> Baba wethu waseZulwini, siphe lezi zibusiso, eGameni likaJesu Kristu iNdodana yaKho. Makuthi umusa nesihe, ukuthula, kusize udadewethu othandekayo, Nkulunkulu, njengoba egula futhi edinga. Makuthi uMoya oNgcwele wehlele phezu kwakhe, Baba, futhi muphe, ubuyisele, impilo enhle futhi. Yena uyagula; uza ebandleni, kulobubusuku,



ufuna ukukujabulela, futhi lapha simthola ehlezi lapha egula, uyaquleka, ngenxa yokushisa kokushisa kwebandla. Nkulunkulu, muphe ukuphulukiswa kwakhe. Ngikhuleka lezi zibusiso eGameni likaJesu Kristu. Amen.

<sup>199</sup> Kulungile, iNkosi ikubusise manje. Kholwa. Ngimbonile engekuzisa ikhanda lakhe kuDadewethu Way. Useswangukile manje. Futhi manje uma abanye benu befuna ukumkhipha aye lapho angathola khona umoya omncane. Kuyashisa kabi kabi. Uma ungama nje khona lapha futhi wazi ukuthi ku—ukuthi kusho ukuthini ngalesi sikhathi manje!

<sup>200</sup> Manje, ake sibone, bangaki eninabo? [UMfowethu Vayle uthi, “Ishumi.”—Umhl.] Owokuqala, owesibili, owesithathu, owesine, owesihlanu, owesithupha, owesikhombisa. Kulungile.

<sup>201</sup> Asiqale umugqa womkhukelo. Manje wonke umuntu ngenhlonipho yokuzithoba ngakho konke. Manje wonke umuntu akakhuleke. Ngenkathi, umshayi wopiyano esinika indlela ngapho, uma uthanda.

Kholwa kuphela, kholwa kuphela,  
Konke kuyenzeka, kholwa kuphela.

<sup>202</sup> Lokho kuhle. Manje wonke umuntu ngokuhlonipha nangokukhuleka manje. Kulungile. Manje ningabe nisagcaluza. Ningakwenzi. Ningakwenzi. Nina bantu eniphuma ningena, ningakwenzi lokho, niyabo, ngoba lokhu kuyingozi kakhulu, niyabo, kakhulu, kuyingozi kakhulu. Kulungile. Manje wonke umuntu akathule, futhi akhulekele, futhi ukholwe manje ngenhliziyo yakho yonke.

<sup>203</sup> [UMfowethu Vayle uthi, “Sinamane ashodayo.”—Umhl.] Uthini? [“Sinamane ashodayo.”] Awu, abaphenduli ekubizweni kwabo, yilokho kuphela engikwaziyo; bakugejile ukubizwa. Kulungile.

<sup>204</sup> Mangaki ashodayo? Elesibili liyashoda, elesibili na? Ubani onekhadi lomkhuleko lesibili na? Ngabe ukhona abanye abantu abakhulumayo lapha ngaphandle kwesiNgisi na? Ikhadi lomkhuleko lesibili?

<sup>205</sup> Umfana nje uxabanisa lawo makhadi bese ewakhipha, bona, noma ubani uyawathola. Ungalithathi uma ungezi. Niyabo? Ufanele uze, uma uza. Ungalinikezi omunye umuntu; umele uze wena uqobo.

<sup>206</sup> Ikhadi lomkhuleko lesibili? Kulungile, uma lingekho lapha, asikhothamise amakhanda ethu. Kushisa kabi kabi, kakhulu, kushisa kakhulu. Futhi mhlawumbe lelinenekazi lapha linalo. Unalo yini ikhadi lomkhuleko lesibili, nenekazi na? Unehadi lomkhuleko lesibili na? Mhlawumbe lingowaseNorway noma into ethize, futhi alikhulumi. Billy, hlola lelo khadi ezansi lapho, umuntu-mumbe, futhi ubone uma enekhadi lesibili. Ya. Manje. . . [Omunye uthi, “Ya.”—Umhl.] Elesibili. Kulungile.

Elokuqala, elesibili, kulungile. Yebo. Kulungile, manje, owokuqala, owesibili, owesithathu, owesine, owesihlanu, owesithupha, owesikhombisa, owesishiyagalombili, owesishiyagalolunye, oveshumi. Kukhona cishe ababili noma abathathu ngaphezulu abashodayo. Owokuqala kuya kwabayishumi nanhlanu, uma nithanda.

<sup>207</sup> Awu, wonke umuntu akabe nehlonipho yokuzithoba manje, niyabo. Kulungile, manje yibani nenhlonipho yokuzithoba ngempela, futhi khulekani manje. Bangaki ozobe ekhuleka na? Phakamisani izandla zenu, “Ngizobe ngikhuleka. Ngizobe ngikhuleka, ngikholwa uNkulunkulu.”

<sup>208</sup> Manje bangaki phandle lapha ongenalo ikhadi lomkhuleko, futhi uyazi ukuthi uNkulunkulu uzokwenza, uzokuphulukisa, ake sibone isandla sakho. Wena, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa. Wonke umuntu, kulungile, yonke indawo manje, wonke umuntu akakholwe. Yiba nokukholwa nje. Ungangabazi. Kholwa nguNkulunkulu, ngayo yonke inhliziyi yakho. Kulungile.

Woza, nenekazi.

<sup>209</sup> Kuthi ukwenza wonke umuntu aphuthume futhi abe nokuxhuxhuma, futhi uMoya weNkosi awukuthandi lokho nhlobo. Niyabo? Masithule, niyabo. Zithulise, vele uthi, “Nkosi, nangu mina, ngilapha ukuzoKukhonza. NgiyaKuthanda, futhi ngiyazi Uzopha isicelo sami.” Yilokho kanye.

Manje niyangizwa na? Ngizozama ukuma lapha.

<sup>210</sup> Inenekazi lapha. Nasi isithombe esihle seBhayibheli futhi. Nanti inenekazi eliyikhaladi. Ngingumlungu. Ngokuqinisekile kuveza isithombe esihle seBhayibheli, kini zihambi.

<sup>211</sup> UJesu wahlangana nowesifazane emthonjeni. Owesifazane wayengumSamariya, Yena wayengumJuda, futhi baqala ukukhuluma. Wathi, “Ngiphuzise.” Wahamba kokhuluma naye owesifazane, futhi Wathola ukuthi yayiyini inkathazo yakhe. Kodwa kuqala Wamcela ukuba amphuzise, futhi wayengeke amuphe, ngoba owesifazane wayengolunye uhlanga. Futhi Wamazisa, masinyane, kwakungekho mehluko ezinhlangani.

<sup>212</sup> Futhi silapha, kulobubusuku, emva kweminyaka eyizinkulungwane ezimbili. Manje, uJesu Kristu wathembisa ukuthi izinto Anzenza, ikholwa laliyozenza nalo. Ngabe kunjalo na? Manje, wonke umuntu uyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] UJohane oNgcwele, isahluko 14, ivesi le 12. Futhi, manje, ngani na? WayeyiZwi. Ngabe kunjalo na? Futhi Wathi, “Uma nihlala kiMi, amaZwi ami ekini, celani enikuthandayo.” Manje uma lona wesifazane egula, bengingeke ngikwazi ukumphulukisa. Akukho muntu ongumphulukisa; UNkulunkulu usevele ukwenzile. Uma eyisoni, ngingekwazi ukumsindisa. UNkulunkulu usevele ukwenzile; yena nje ufanele akukholwe.

<sup>213</sup> Kodwa manje uma uJesu enguye izolo, namuhla, naphakade, futhi aphe isibonakaliso saPhakade sovuko lwaKhe, kulezi zinsuku zokugcina, khona-ke Ubeyokhuluma ngami uma ngiyinceku yaKhe futhi wangibizela lenhloso. Manje zonke izinceku azibizelwanga ukwenza lokho, niyabo, kodwa kukhona, okungenani, esizukulwaneni, eyodwa, ukuthi sinaleyo. Manje, kodwa uma kunjalo, kuzobonisa kubo bonke abanye, enkonzweni yakho, ukuthi uNkulunkulu unawe.

<sup>214</sup> Niyabo, Wenza ezinye izinto. Ngikhulume ngezilimi. Angi, angikwenzi ngaso sonke isikhathi. Ngikwenze kane noma kahlanu empilweni yami. Ngangingazi ukuthi ngangenzani. Ngizizwa ngikhuluma ngolunye usuku, ngithola umcabango, ngaqalaza ukubona ukuthi kwakuqhubekani. Ngezwa omunye umuntu, kuzwakala ngathi ukhuluma isiJalimane. Ngabheka futhi ngibona ukuthi kwakukuphi. Kwakuyimi ngikwenza, mina uqobo. Niyabo? Futhi ngangicabanga ukuthi ngangigijima ngidlule embuthweni wamasoshwa futhi ngeqe udonga khona-ke. Kodwa ngithola ukuthi, kwakuyimi, ngangilokhu ngimile nje kwaze kwaba Useqedile, futhi kwakunguMoya oNgcwele wenza ukunxusela owesifazane ukuthi kamuva wavela, futhi kakhulu, emubi kakhulu ngeTB, futhi iNkosi yamphulukisa.

<sup>215</sup> Kodwa manje, lapha kulezi zethameli, lelinenekazi liyamangala. Liyinenekazi eliyikhaladi, futhi lindawondawo ngaseminyakeni yami, kodwa angikaze ngilibone. Lingowesifazane nje. Manje, limi lapha ngesizathu esithile. Angazi. Ngi—ngingeke ngakutshela. Angazi lutho ngalo. Kodwa uma uMoya oNgcwele engangembulela ukuthi inkathazo yalo iyini, noma lokho elilapha ngakho, noma—noma lokho elikufunayo, noma into enjalo, noma lokho elikwenzile, noma lokho elibifanele likwenze, noma into enjengaleyo, khona-ke, futhi malibe umahluleli ukuthi kuqinisile noma qhabo. Ngabe lokho kuyokholekisa wonke umuntu ukuthi uJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

<sup>216</sup> Sizokhuluma omunye nomunye, umzuzwana nje, ngoba, thulani, niyabo. UMoya oNgcwele unamahloni kakhulu, futhi ngikhuluma nje nawe njengeNkosi yethu yenza kowesifazane emthonjeni.

<sup>217</sup> Manje, niyabo, bekungeke kube yimi, ngoba angikwazi. Kodwa, niyabo, ngingumzimba wenyama, ungumzimba wenyama; kepha ngaphakathi kwakho ngumoya nomphefumulo, ngaphakathi kimi ngumoya nomphefumulo. Futhi-ke lapho loMoya ongaphakathi kimi, uma kunguMoya kaKristu, uyabo, khona-ke, futhi isiphiwo engazalwa . . .

<sup>218</sup> Njengoba nje ubungaya kolala futhi uphuphe noma yini, ungaphupha iphupho. Manje, niyabo, lona imizwa emihlanu ifanele ingasebenzi, khona-ke ungapha ezweni lamaphupho. Futhi-ke lapho lemizwa emihlanu isisebenza futhi,

uphapheme, niyabo, ngoba unembeza wakho omncane uphandle le kunembeza wakho wokuqala.

219 Kodwa uma yomibili indawonye, awuyi kolala, uvele uwewele kulokho. Niyabo? Usesemizweni yakho emihlanu. Uyaqonda na? Leso yisiphiwo, lapho, yisiphiwo sokuprofetha, lokho ukuqinisekiswa ukuthi uKristu usenguye. Niyabo? Niyabo?

220 Sinabefundisi oqeqeshwe eZwini. Sinabehlukene, indoda efana no-Oral Roberts, obeka nje izandla, futhi anyakazise abantu, futhi athi, “Busisa uNkulunkulu, uyakwamukela nje.” Niyabo, futhi ungomunye walolohlobo olunzima ngakho. Niyabo, leyo yindoda kaNkulunkulu, niyabo, kungukuthi kukhona olunye uhlobo olungakwenzi lokho, kodwa benza okunye. Konke kuyiziphiwo zikaMoya; abaphostoli, abaprofethi, nabelusi. Niyakholelwa kulokho, aninjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

221 Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu ungithumile ukuba ngenze lokho na? [Udade uthi, “Ngiyakwazi.”—Umhl.] Uyakwazi. Ngiyabonga, dadewethu. Yebo, mnumzane. Kungani ngikubize ngokuthi ‘dadewethu’? Ngoba, ngenkathi usho lokho, ngizwe uMoya uthi lokho kunjalo.

222 Manje ulapha, futhi ngiyakubona manje; abantu basengakwazi ukungizwa. Owesifazane unesikhathi sokungalali. Akakwazi ukulala. Kunjalo. Kakhulu. . . uyagula, futhi, awukwazi neze ukudla, ugula kakhulu. Nje. . . Futhi uyesaba ukuthi ngamatshe asesinyeni. Kunjalo. Kunjalo impela. Uqinisile. Uyagula, umuzwa wesicanucanu. Kunjalo. Khona-ke u—u. . .

223 Kukhona omunye umuntu omkhathalele. Lowo ngowakho, lowo ngumyeni wakho. Futhi une—u—uhlobo lokwe—ukwethuka, ukwethuka kwengqondo, uhlobo lokwethuka kwengqondo ngempela. Futhi ukhathazwa uhlobo lwenkinga akuyo. Yena uzama ukuthola okuthile, okuthile, i—isivumelwano sebhizinisi, impesheni noma into ethize azama ukuyithola. Kunjalo, impesheni azama ukuyithola. Yilokho kanye. Yebo, mnumzane, impesheni. Bese kuthi-ke kune. . .

224 Ngibona umfanyana, uneminyaka ethi ayibe yishumi nambili ubudala, noma into enjengaleyo. Ungumfo omncanyana nje, futhi empeleni akayona indodana yakho. Uyi—uyi. . . Umkhulisile, futhi kukhona into ethize oyicabangayo, ukuthi, yena, kukhona okungahambanga kahle ngaye. Akanjalo. Ungumfanyana nje. Uzoba kahle. Impela. Kulungile. Kholwa yinto efanele. Konke kuzolunga. Hamba, ukukholwa. [Ibandla liyathokoza.—Umhl.] UNkulunkulu akubusise, dadewethu.

225 Empeleni, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi ungubani na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu

angangitshela ukuthi ungubani, nenekazi na? UNkk. Red, ungye. Kunjalo. [Ibandla liyathokoza—Umhl.]

226 Ndodana, kulungile. Umnake u-anti wakho. Ubecabanga ukuthi kukhona okwenzekile, kodwa akwenzekanga. Ungumfanyana nje. Awuqondile ukwenza lokho. Qhubeka, uzoba kahle. Amen.

227 He, ubungathanda kanjani uMoya oNgewele ukudlula kulokho! Niyabo?

228 Sawubona? Uma uMoya oNgewele engangitshela ukuthi inkinga yakho iyini, uyangikholwa khona-ke, uzokwenza na? [Udade, uthi, “Ngiyakholwa.”—Umhl.] Uyakholwa. Kulungile. Une—nesimo sokwethuka. Unokuziziza ekhanda lakho. [“Kunjalo.”] “U-u-u,” kuhamba kanjalo ngaso sonke isikhathi. Kunjalo. Khona-ke wahlololwa isimila, futhi bathola isimila emtshazweni. Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke manje na? [“Yebo.”] Lokho ku—lokho kunjalo. [“Amen.”] Qhubeka endleleni yakho, ukholwa, futhi uzosinda. Kholwa. Ukutholile okufunayo na? Kulungile. [“Amen.”] Uyabo?...?...

229 Uyakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho na? [Udade uthi, “Ngiyakholwa.”—Umhl.] Yiba nokukholwa nje. Ungangabazi. Kholwa ukuthi uJesu Kristu, ongye izolo, namuhla, naphakade. Ngumuntu osemncane ongaye lapha. Qhabo, bababili. Unamadodakazi amabili, futhi womabili anokufana nokuphazamiseka kwemizwa, okunjalo. Kunjalo. Nkosi Nkulunkulu, yiba nomusa kulabo bantwana. Uyakholwa uma ngizobe nje...Uma ngizokhuluma iZwi laKhe, uyakholwa ukuthi bazophuma kukho na? [“Ngiyakwazi.”] Khona-ke hamba, ukwamukele. UNkulunkulu akubusise. [Ibandla liyathokoza.]

“Uma ungakholwa, konke kuyenzeka.”

230 Uyakholelwa kukho, awunjalo na? Uyakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho na? Uyakholwa ukuthi ingane enaleyonkathazo yomphimbo izosinda na? Kulungile, ungaba nakho, mnumzane. Ngibona lowo wesifazane ebanibanika lapha, nasemuva lapho, nalapha, futhi ngacabanga, “Bekuyini na?” Ehlezi lapho ukhulekela ingane yakhe. Kulungile, izosinda kukho. Izoba kahle. Ungakungabazi.

231 Uyakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho na? Uyakholwa ukuthi uJesu Kristu, ungye izolo, namuhla, naphakade na? Uma iNkosi uJesu izokwembula kimi ukuthi iyini inkathazo yakho, uzoMkholwa na? Unesimo sokwethuka, ukulakanyana; kusobala, owesifazane oseminyakeni yakho. Kodwa, nokho, nansi into enkulu, yisimila. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi sikuphi isimila na? Sisebeleni lakho langakwesokunxele. Ngabe kunjalo na? Kulungile. Hamba, kukholwe, sizophuma.

Yiba nokukholwa kuNkulunkulu. Ungangabazi.

<sup>232</sup> Ngibone into ethize ebusisekile yenzeka, futhi into ethize esabekayo yenzeka, emva kwalokho nje. “Ukulalela kuhle kunomhlatsshelo, ukulalela kune (Ini na?) amanoni ezingama.” Ngabe kunjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Nkosi Jesu, yiba nesihe. He, o, he! Ukulalela, ubuqotho nokulalela; ukuthi iNkosi uJesu yayenza kanjani into ethize ngaleso sikhathi! Ngizokutshela emzuzwini nje.

Kholwa nje. Ungangabazi.

<sup>233</sup> Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa lapho, udade gqoke ilokwe eliphuzi, ehlezi lapho ekhuleka na? Okheyi, kulungile. Kulungile, uyakwemukela.

Yiba nokukholwa nje. Ungangabazi. Kholwa.

<sup>234</sup> Ohlezi emuva ngqo lapho kulolohlu lwesibili, unenkathazo yomphimbo, futhi, lowo wesifazane ubheke lapha kimi. Uyakholwa ukuthi uJesu Kristu uzokuphilisa na? Uyakholwa na? Yebo. Udingeke ukuba usukume, unike othile indawo yokuphuma. Imizuzu emihlanu ngaphezulu, futhi ngabe uphulukisiwe. Wakugeja, kodwa usukutholile. Ungaba naso isicelo sakho manje. Kuyakushiya.

<sup>235</sup> Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angakusindisa na? [Udade uthi, “Yebo, mnumzane.”—Umhl.] Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi iyini inkathazo yakho na? [“Yebo.”] Unesifo sikashukela. [“Yebo.”] Umyeni wakho ulapha naso, naye, akanjalo na? [“Yebo, mnumzane.”] Kunjalo. Nobabili sindani. Hamba, kukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho.

<sup>236</sup> Isifo sofuba, ukwethuka. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angakusindisa na? Uyakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho na? Mangibeke izandla phezu kwakho njengoba udlula. EGameni likaJesu Kristu, kwangathi angaphulukiswa. Muphe khona.

<sup>237</sup> Isifo samathambo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa na? [Udade uthi, “Yebo, ngiyakholwa.”—Umhl.] Awu, hamba nje, uthi, “NgiyaKubonga, Nkosi Nkulunkulu. Ngiyakholwa ngayo yonke inhliziyo yami.” Yebo, mnumzane.

<sup>238</sup> O, he! Ukwethuka, isifo samathambo, isisu. Kholwa nje ngayo yonke inhliziyo yakho. Qhubeka, uthi, “NgiyaKubonga, Nkosi, ngokungisindisa.”

<sup>239</sup> Uyazi, igazi yilapho ukuphila kwethu kukhona, akunjalo na? Kodwa uNkulunkulu angaphulukisa noma yini (uyakholwa lokho na?), igazi, noma yini enye. Kulungile, sekuphelile. Hamba, uthi, “NgiyaKubonga, Nkosi.” Hamba, kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho.

<sup>240</sup> Bekungathiwani ukuba ngivele ngabeka izandla phezu kwakho, ngase ngithi, “INkosi ikubusise,” ubungakholwa yini ukuthi uzophulukiswa na? Dlula, khona-ke, uyabo. EGameni likaJesu Kristu, Nkulunkulu, msindise. Yiba nokukholwa.

241 Angikaze ngibone abantu abanengi kakhulu lokhu... Lelinenekazi lapha linesifo samathambo, nalo, ukulakanyana, izinto. Ya, kunjalo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uyakusindisa na? Kulungile. Qhubeka, uthi, “NgiyaKubonga, Nkosi Jesu.”

242 Bangaki laphaya abafuna ukukholwa manje na? “Umuntu akayikuphila ngesinkwa sodwa, kepha ngawo onke amaZwi aphuma emlonyeni kaNkulunkulu.”

243 Uyakholwa ukuthi umlomo kaNkulunkulu washo lokhu, i...? UJesu Kristu unguNkulunkulu enyameni. Siyakwazi lokho. Akukho mpikiswano ngalokho. Wayengesiye nje umprofethi; WayenguNkulunkulu, uNkulunkulu ebonakaliswe enyameni. Into yokugcina ayisho, ngokusho kweVangeli, ngenkathi Eshiya umhlaba, “Lezi zibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. Uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayakusinda.” Uyakhukholwa lokho ngenhliziyo yakho yonke na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Manje mangaki amakholwa lapha, phakamisani izandla zenu. Kulungile.

244 Manje ngifuna ukuthi nenze okuthile. Bangaki lapha abanokuthile okungalungile ngabo, ukuthi bafuna ukukhulekelwa na? Phakamisani izandla zenu. Manje, kubukeka sengathi wonke umuntu. Manje, nakhu okwenzayo. Sebenzisa ukukholwa kwakho, ngizosebenzisa ukukholwa kwami, futhi sizokwenza ukuhlangana (sekuba leyithi) ngoNkulunkulu. Bese kuthi-ke uzomkhulekela umuntu obeke izandla zakhe kuwe na? Ngoba, bazobe bekukhulekela, niyabo, wena.

245 Njengokuthi, njengalapha bekukhona omunye umuntu, bebenezandla zabo phezu kwami, nginezandla zami phezu kwabo; Ngiyabakhulekela, bayangikhulekela. Ngithi, “Nkosi, ngiyikholwa. Lelinenekazi, lomnumzane ohloniphekile, lomfana, intombazana, noma yini, uyahlupheka. Ngiyacela, Nkulunkulu oThandekayo. Ngiyahlupheka, ngiyakwazi abadlula kukho. Baphulukise, Nkulunkulu oThandekayo.”

246 Yiba qotho ngokujulile manje, yiba qotho ngokujulile, futhi nje ukhuleke njengokungathi ubuyofuna ukuba bakukhulekele. Niyabo? Yenza kwabanye njengoba ungathanda abanye bakwenze kuwe. Manje khulekela umuntu obeke isandla sakho phezu kwakhe, ngendlela nje obungafuna ukuba uJesu akukhulekele ngayo, niyabo, futhi ubheke ukuthi kwenzakalani. Niyabo, iZwi likaNkulunkulu alihluleki. Ngabe kunjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] YiQiniso. Lona, ngeke nje lehluleke.

247 Manje, manje into yokuqala esiyenzayo, asilinde nje umzuzwana futhi sivume konke ukungakholwa kwethu. Makuthi...Sivume zonke izono zethu, sivume konke lokho esike sakwenza, okungalungile. Ake sithi nje, “Nkosi Jesu, ngithethelele.” Makuthi...Ngifuna lona kube ngumhlangano

wangempela lapho uJesu Kristu engabonakaliswa khona, uJesu Kristu ukuba adunyiswe. Manje ngenkathi ngisakhuluma nani, vumani nje konke, uthi, “Nkosi, ngi—ngibe nokungabaza okuningi. Kodwa khona lapha eBukhoni baKho kulobubusuku, ngenkathi ngi—ngima futhi ngibona yona kanye into engenakwenzeka ngokuphelele ngaphandle kwaKho, akekho ongenza lokho.”

<sup>248</sup> Ubungaba namahloni ukukubiza ngo “moya omubi,” ngoba lokho akunakuthethelelwa, niyabo. Niyabo, uJesu washo njalo. Biza umsebenzi kaMoya oNgcwele, ukuthi iBhayibheli lathi Uyokwenza, bese-ke ukubiza ngomoya omubi, khona-ke ku. . . khona-ke lokho akunakuthethelelwa. Niyabo?

<sup>249</sup> Ngakho wena uthi, “Ngimi khona lapha manje, ngazi ukuthi, ngihlezi lapha,” noma ngabe yisipi isikhundla okuso, “ngazi ukuthi, ukuthi—ukuthi—ukuthi Ulapa. Ngani, ubungeke wenza lezizinto. . . Futhi manje, uMfowethu Branham wethu, unokukhowa nje ukukholwa ukuthi iZwi laKho liyiqiniso, futhi unesiphiwo. Nginesiphiwo, nami, isiphiwo sothando lwaKho. Nginesiphiwo soMoya waKho kimi. Nginesiphiwo kimi, futhi kuleso siphiwo ngukuphulukisa. Manje, ngi—ngicela ukuphulukiswa kwabangani bami abagulayo abahlezi lapha. Ngicela ukuphulukiswa, futhi bazocela ukuphulukiswa kwami. Manje Wena thethelela izono zami. Futhi, Nkosi Jesu, uma ngenze noma ngasho noma yini engalungile, ngithethelele. Kwembule kimi, Nkosi, ngizohamba ngikulangise. Uma Uzokwembula nje futhi ungibonise lokho engikwenze ngokulangungile, ngizohamba ngikulangise.”

<sup>250</sup> Futhi ngikhulekela manje isihe ngalezi zethameli. Siphe khona, Nkosi. Yiba nisihe phezu kwabagulayo nabahluphekile. Labo bantu balapha bekhuleka. Bayakholwa. Babone Wena ukhona. Ngikubonile Wena, Nkosi. Sonke sibubonile bona kanye ubufakazi obubonakalayo bukaNkulunkulu ophilayo.

<sup>251</sup> Sikhohlwe kakhulu. Sihambe kanzima kakhulu, Nkosi, kolunye uhlangothi, ohlangothini lokubhastela, okwamahlelo, nezivumokholo, namabandla amakhulu, nomnako wosuku. Thina maPentecostal, Nkosi, libone Wena wenza okukhulu kangaka, kuze kuba sivele sazenza saba lukhuni saqhela kuWe, cishe impela. Ku—kuyadabukisa, Baba. Sithethelele ngalento. Sibone okuningi kakhulu njengoba kukhula kancane kancane kulokhu, kuze kuba sesi, awu, si—sikhohliwe nje izibusiso, Nkosi. Sithethelele, futhi sisize. Uzokwenza, Nkosi na?

<sup>252</sup> Manje yiba nomusa, futhi kwangathi uMoya oNgcwele omkhulu, okhona manje, wengamele lonke ikholwa eliphakathi lapha. Futhi manje, njengenceku yaKho, ngikhulekela wonke umuntu ogulayo lapha. Ngi—ngiyaKucela, Nkosi, ukuba ugcwalise ngamandla izandla ezizobekwa phezu kwabagulayo. Makuthi—makuthi amandla kaMoya oNgcwele



abe phezu kwenye nenye yalamadoda, abesifazane, abafana namantombazane, njengoba sihlezi ndawonye, Nkosi. Abantu bahlezi lapha, abagulayo, Nkosi, ukuthi bazo...Baphuma lapha ukuba basinde. Mabeze kusasa ebusuku, besindile. Siphe khona, Nkosi, sicela wenze. Yizwa umkhuleko wami. Ngi-ngiyakhuleka ngayo yonke inhliziyo yami, ukuthi Uzokwenza, ngivuma konke engikwaziyo ukuthi akulungile. Futhi manje sisize, futhi manje makuthi uMoya oNgewele wengamele. Futhi laba bantu bebeke izandla zabo phezu komunye nomunye, kwangathi bangasindiswa, khona manje. Siphe khona, Baba, ngeGama likaJesu Kristu.

<sup>253</sup> Futhi manje, Sathane, ngiyakuyala, ngeGazi likaJesu Kristu, leloGazi elanele konke; ukuthi ngalokho kuPhila okwakukuleloGazi, manje osekusezinhliziyweni zethu, siye saguqulwa sisuka kulokho esake saba yikho, ukuya kumaKristu. Sake saba ngabangabazi, manje sesingamakholwa. Izone zethu zingaphansi kweGazi.

<sup>254</sup> “Ozovuma izono zakhe uyakuthethelelwa.” Sivume izono zethu, futhi sinokuthethelelwa. Manje simile, asisakwenzi... Izone zethu zisoLwandle lokuKholwa. Singeke sisasolwa ngesono. Sisivumile. Silungise izinto. Futhi manje igebe elikhulu, elaliphakathi kwethu noNkulunkulu, lisusiwe. UNkulunkulu wafaka izono oLwandle lokuKholwa. Akasoze ngisho abe esasikhumbula njengezoni. Asisezona izoni. Singamadodana namadodakazi, futhi manje silapha ngokukhululwa kwenyama. Futhi ngenxa yokuthi singamakholwa, iZwi lathi, iZwi, iZwi uKristu asishiyela lona, lathi, “Lezi zibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. Uma bebeke izandla zabo phezu kwabagulayo, bayakusinda.” Futhi lokhu siyakwenza, ngokukholwa siyakwenza, eGameni likaJesu Kristu.

<sup>255</sup> Manje, umuntu ngamunye lapha, beka izandla zakho phezu komunye umuntu ongakuwe. Beka izandla zakho phezu komunye umuntu, futhi manje yithi:

<sup>256</sup> [Ibandla liphinda emva kukaMfowethu Branham—Umhl.] Sathane, ngiyakuyala. Ngikuyala, Sathane, eGameni likaJesu Kristu, dedela umngane wami. Phuma lapha. Uhluliwe. Umngane wami usindile. Ngiyakholwa uJesu Kristu manje uyangiphilisa, ukuhlonipha Yena, uletha udumo.

<sup>257</sup> Kukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho, wonke umphefumulo wakho, yonke ingqondo yakho, futhi uNkulunkulu uMninimandla onke uzokupha khona. UNkulunkulu akubusise.



*KUNENDLELA EYODWA KUPHELA EHLINZEKWE*  
*NGUNKULUNKULU YANOMA YINI ZUL63-0731*  
(There Is Only One Way Provided By God For Anything)

LoMlayezo ngoMfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngoLwesithathu kusihlwa, ngoJulayi 31, ngo 1963, eMarigold Center eChicago, eIllinois, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2019 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE  
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE  
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS  
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.  
[www.branham.org](http://www.branham.org)

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS  
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.  
[www.branham.org](http://www.branham.org)